# *Imibuzo NeZimpendulo*

. . . lemibuzo ngaphambi kokuya epulpiti, kodwa uMfowethu Moore, uthumele ukubiza okuphuthumayo, futhi ngicabange ukuthi othize ubegula kakhulu, futhi nje ubefuna umhlangano. Ngakho bengizama ukumthola efonini ngapho. Ubefuna ukwehla ngosuku lokuBonga futhi abenomhlangano ezansi lapho wabo, kodwa, eLouisiana. Ngonyaka odlule ngenkathi silapho, thina—iNkosi yaqala imvuselelo, futhi ayikapheli namanje; isaqhubeka, imvuselelo. Ngiyakhohlwa ukuthi kwasindiswa amakhulu amangaki ngalonyaka odlule, ngenkathi i—emva kwemvuselelo ezansi lapho.

2 Manje, ngiqagele kuthi ukuba uhlobo olumangalisayo, mhlawumbe, ngilapha kulokhu ukusa; futhi kunjalo kimi. Futhi bengingazi, ngakho asiwazisanga phandle phakathi kwabanye be, niyazi, abantu, nje okuqathaziwe ukuphendula eminye imibuzo. Ngicabangile ngaleyondlela . . . Ngokuvamisile umelusi angathola ukuthi yini esenhliziyweni yabantu bakhe uma ebuza imibuzo. Futhi ngaleyondlela siyathola ukuthi abantu bacabanga ngani.

3 Futhi ngiyakholwa ngaphambi kokuba siqale kulokhu ukusa, kukhona othize othe banomntwana ukuba abusiswe. UBilly ubengitshela lokho bekukhona ukubusiswa komntwana. Uma lokho kunjalo, mina . . . Kulungile. Sizokwenyusa umfo omncane futhi simnikele eNkosini; futhi khona-ke sizophendula imibuzo, bese-ke sizokhulekela abagulayo.

4 Ngifuna ukubika ukuthi umama wami usecishe nje abengokwejwayelekile. Yena . . . angicabangi ukuthi ugula kakhulu, noma becabanga kanjalo. Kodwa angicabangi kanjalo; ngikholwa ukuthi usecishe abenjengoba wayenjalo. Futhi aze uNkulunkulu angitshele ukuthi uzofa, angizukukukholwa. Futhi ngizobamba ukukholwa ngenzele uMama (niyabo?), aze Angitshele ukuthi uzohamba.

5 Manje, Ubengamthatha; angazi. AwaKhe . . . Angahle nje akuvimbele kimi, engivimbela ekukhathazekeni noma okuthize; kodwa ngizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzomenza abengcono akunandaba ukuthi unjani. Akaze adle amaviki amathathu, kodwa nje okunikeza amandla iglucosi; kodwa ngiyakholwa ukuthi uzoba ngcono noma kanjani. Niyabo?

Mfowethu Neville. Awu, lona ngu, sithemba ukuba ngu, omunye umshumayeli oqhamukayo lapha, nguMnu. Wood omncane. Yebo, mnumzane. Ubani igama lakhe eliphelele na? UWilliam David. Junior na? Nizombiza ngoJunior na? E-hhe. Lolu uphawu oluncane oluthunyelwe emndenini

wakwaWood phezulu lapho, futhi, kusobala uyisithandwa sikagogo, futhi. . .Omncane uWilliam David Jr. Futhi yena impela ukahle, umfanyana. Nodadewabo omncane uzomgcina ekhulile phezulu lapho, ngoba u. . .Yebo, unomunwe wakhe uphindekile manje, umunwe wakhe wokukhomba uphindekile. Umzingeli wezingwejeje. Ungibheka ngeso elilodwa nje. Ngiqagele uthi ukuhlehla. Hhe? Kodwa siyazi ukuthi lezi yizinto ezincane uNkulunkulu azithumelela emakhaya ethu ukuthi siyajabula, ekusinikezeni isibophezelo sokukhulisa laba. Futhi ngiqiniseke ngempela uma umusa kaNkulunkulu uqhubeka kulomndeni, ukuthi lengane izokhuliswa ngesiyalo sikaNkulunkulu. Asikhothamise amakhanda ethu.

Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe uWilliam David Wood omncane kulokhu ukusa, eGameni leNkosi uJesu, ezinhloniphweni zomBhalo, ukuthi baletha kuYe, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, izinsana, abantwana abancane, ukuze Abeke izandla zaKhe phezu kwabo beze ebabusisa. Futhi ukuba Ubelapha kulokhu ukusa emzimbeni wenyama, siyazi ukuthi umfowethu nodadewethu bebeyoyisa loluphawu oluncane lomusa kuYe. Ngakho, ukuthi sifanele simele Yena namhlanje, ngendlela yokushumayela iVangeli, baletha umntwana kithina. Thina, ngokukholwa, siphakamisele uDavid omncane kuWe, eGameni likaJesu, futhi sikhulekela ukuthi Uzombusisa, Nkosi. Nkulunkulu, yipha ukuthi uzophilela ukuba i—inceku engeyaKho, uma Ulibala. Siphe khona, Nkosi. Muphe impilo namandla okuqina. Busisa ubaba wakhe nomama wakhe. Futhi kwangathi, uma kuyintando yaKho yobuNkulunkulu, ukuthi lomfanyana uzokhulela ukushumayela iVangeli ezinsukwini ezizayo. Siphe khona, Nkosi. SiKunika loWilliam David Wood omncane ongowenceku engeyaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

David, ngihlala ngicophelela njalo ngalabobafo abancane; uzizwa ngathi bakanjalo, uyazi, uzobaqathaza ngasosonke isikhathi.

Ngicabanga ukuthi, abantwana abancane nabantu abadala: thola othize ongumuntu omdala nje obesezansi emgqeni; noma umntwana omncane e, bathi ukubamsulwa kakhulu, niyazi; ngithatha, kunokuthize ngabo engikuthanda ngempela.

Ngiyamangala uma besingakhanyisa lelayithi yepulpiti lapha. Mfowethu Neville, uyazi lapho be. . .? O, nakhu lapho esikhona.

6 Manje, emibuzweni, sinembalwa lapha, futhi angilitholi ithuba ngisho lokubuka emiBhalweni leyo—yemibuzo ebuziwe; ngoba nje inikezwe kulokhu ukusa. Futhi ngiyicoshile nje emizuzwini embalwa edlule, nje uhlobo lokuyithinta ingxenye yayo, futhi ngibone eminye imibuzo, futhi ngimangala nje kanjani. . .Futhi eminye yayo. . .Leli iqembu elinamathelayo

engake ngaba nalo. Ngakho uma i—ngiyibuka, ngibonile sasizoba nesikhathi esinzima nalena.

7 Ngakho uma ngingayiphenduli ngokwenkolelo yenu kulemibuzo. . .Manje, khumbulani njalo ukuthi ingokwedlula konke ukwazi kwami. Futhi khona-ke ngezinye izikhathi mhlawumbe ngi—kulokhu ngizofanele ngibhekise emBhalweni ukuyiphendula futhi mhlawumbe ngingabi naso isikhathi ukuyibuka. Khona-ke uma usuya ekhaya, uyibuke futhi ubone. Futhi uma ngiwucaphune ngokungesikho, awu khona-ke, ngi—ngiyoba nephutha. Angiqondile ukucaphuna noma yimuphi ngokungesikho, kodwa—ngicaphune umBhalo ngokungesikho, kodwa ngezinye izikhathi singakwenza. Mhlawumbe izwi lapho ebeliyoba okuthize, khona-ke singahle silisho ngenye indlela. Niyazi ukuthi kulula kabi ukwenza lokho.

8 Kodwa siqonde—injongo yethu ukuyicaphuna ngokuyikho. Futhi uma bengizoyithatha sithi kuleliSonto futhi siyiphendule ngeSonto elizayo; khona-ke bengizoba nesikhathi sokuyibuka ngiyiphindaphinda iviki.

9 Kodwa kunabantu abagulayo abaningi abangenayo, futhi ngempela, ngibhizi ngempela futhi ngingenalo ithuba loku—kuphuma futhi ngenze ukushaya ucingo kwami okuningi. Futhi ngicabangile namhlanje bekungaba isikhathi esihle, nje ungenise labobantu abagulayo etabernakele futhi siyobakhulekela. Futhi siyazi ukuthi umkhuleko uyazishintsha izinto.

10 Umkhuleko usenzela okuthize. Futhi kungomkhuleko ukuthi ngiyaphila namhlanje. Ngiphila ngomusa kaNkulunkulu ngomkhuleko. Futhi kulokhu ukusa ngithe ukukhathala kancane futhi ngikhandlekile, ngifisa imikhuleko yenu kimi, ukuthi ningikhulekele.

11 Futhi khona-ke, bengisendlini yomngane izolo, ikhaya lamaKristu lapho bekukhona amaKristu athize asemasha ehlangene. Futhi bengikhuluma nawo, futhi i—okuthize kwazibonakalisa khona uqobo kimi, umcabango wokuthi kanjani. . .bengibuka emahlathini futhi naseduze kwezihlahla futhi ngizibona zifa, futhi ngicabangile, “Zinhle kanjani lezozihlahla noma zifa; nokho zinhle.” Futhi ngesinye isikhathi isihlahla sibukeka kangcono uma sifa kunanoma ngenkathi siluhlaza kakhulu futhi sisihle kakhulu. Futhi ngiyamangala uma lokho akuyukufanekisa isimo sethu kuBaba wethu wasezulwini, ngoba Wathi, “Kuyigugu emehlweni eNkosi ukufa kwabangcwele baKhe.”

12 Kanjani ukuthi kungaba i—i—into enhle ngoba uBaba ubuka phansi kumntwana waKhe eza ekhaya kuYe futhi ebambe indawo yakhe kuKristu, ukukholwa kwakhe futhi ukuvuma kwakhe (niyabo?), “Ngisindisiwe ngomusa kaNkulunkulu!”

futhi ngimi lapho (niyabo?) ehoreni lo—lokufa, nokho singabamba ukusho kwethu, sisindisiwe.

13 Futhi ngiyakholwa ukuthi uBaba wethu uwu—uyabuthanda ubuqhawe bethu, ekukholweni futhi sibambe ubufakazi bethu. Futhi nje ku—nje akusikho ukufakaza uma uzizwa kahle, futhi uphilile, futhi uqinile; kungenkathi uphansi, ubuthakathaka, futhi ukhathazekile. Nakho lapho ubufakazi bakho bubala.

14 Futhi ngicabanga ngalokho, bengicabanga ngalokhu, ukuthi ukufa akuhambisani nokuphila. Ukuphila nokufa ngeke kwabakhona ngesikhathi esifanayo. Nezihlahla sizofanele sibe namanzi aphumayo kuzo ngaphambi kokuba icembe life esihlahleni. Ngakho ngakho-ke, ukufa kuhambisana—ngingacabanga ezigabeni zezindawo zesidalwa esingumuntu—ukufa kuhambisana nesono. Ngoba ngaphambi kokuba sibe nanoma yisiphi isono, sasingenakufa nhlobo. Kodwa lapho okukhona ukufa, khona-ke kukhona isono; nalapho okukhona isono, kukhona ukufa; ngoba ukufa kungumphumela wesono.

15 Bese kuthi-ke, lowo o. . . Umphefumulo owonayo, uyokufa. Kodwa uma sizalwa ngokusha nguMoya kaNkulunkulu, sinokuPhila okuPhakade futhi akuhambisani ndawo nokufa. Niyabo? Ukufa ngeke kwahambisana nokuPhila. UkuPhila ngeke kwahambisana nokufa.

16 Futhi ngikhuluma no—ekamelweni izolo lapho amaKristu athize asemasha ebekhona, ngithe, "Ukuba benimi phandle lapha emgwaqeni nemoto ibiza yehla ngomgwaqo ngamamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora ingalawuleki, ubungachezuka kulowomgwaqo omkhulu ngokukhulu ukushesha obungakwenza. Ubungagxuma, ushishilize, wenze noma yini, usuke endleleni yaleyomoto." Futhi yileyondlela isono esifanele sibe yiyo kumKristu, ngoba isono sihambisana nokufa. Futhi masinya nje uma ubona isono sikunoma yisiphi isimo, gxuma kuso, suka kuso. Angikhathali ukuthi kufanele wenzeni, suka kukho impela ukubonakala kobubi. Ngoba khumbulani, ukuhambisana nesono kungukufa. Ngokufanayo nje njengokuma lapho futhi udedele leyomoto ikushaye.

17 Ungalindi nje bese ubona ukuthi sizokwenzani; suka endleleni yaso. Khona impela ukubonakala kobubi, sigweme masinyane. Uma ubona isilingo siqubuka, nesono. . . Niyazi, uma kuyinto engalungile, lokho kufa kucasha emva kwakho. Uyabo? Manje-ke deda kuso nje masinya ngakho konke ongadeda ngakho e—emotweni esondelayo ngamamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora. Niyabo? Obu—obungafuna ukusuka kuyo ngokukhulu ukushesha: Deda endleleni, gxuma, ushishilize, ugijimele noma ngaphi, nje suka kuyo.

18 Nokuthi sazi kanjani ukuthi sinokuPhila, yingenxa yokuthi siyasizonda isono. Futhi siyasizonda isono kabi kabi, ukuthi

siyazi ukuthi ukufa kuhambisana lapho, futhi sigwema khona impela ukubonakala kwaso. Noma yiyiphi indlela esingadeda ngayo kuso, siyagxuma, sigijime, noma yini esingayenza ukuba sidede esonweni, ngoba isono sinokufa kuso. Futhi ngempela asifuni ukuhambisana nanoma yini ekufeni. Sifuna ukudeda kulokho.

19 Ngakho ngicabange ukuthi lokho bekungaba ngumcabango omuhle omncane. Kungishaye izolo ngikhuluma kulamaKristu; futhi ngicabange ukuthi lokho bekungaba kuhle ukukwedlulisela ebandleni kulokhu ukusa, ikakhulukazi ngenkathi abantu abasha besahlezi lapha futhi bedlula—bedlula ezilingweni ezinjalo kanjalo.

20 Bese kuthi-ke, ngikholwa ukuthi umbuzo, uma kuphela besingawuthola phansi lapha, enye into ethize ehambisana nalokho futhi...Futhi khumbulani nje ukuthi noma yini enesono, ukufa kulele khona lapho. Futhi uma uhambisana kulesosono, uhambisana nokufa. Ngakho deda kuso.

21 Futhi yini isono na? Ukungakholwa. Ehhe! Deda kukho konke ukungakholwa, noma yini edelela iBhayibheli. Noma yini edelela iZwi likaNkulunkulu, deda kuyo! Futhi uma ngiqeda lena ngesikhathi ngaphambi kokuba ngibe nenkonzo yami yokuphilisa, ngifuna ukukhuluma kancanyana ngalokho, ukungahloniphi.

22 Manje, ngaphambi kokuba siphendule imibuzo noma sizame ukuwulinga, asikhuleke. Baba wethu waseZulwini, siza ebukhoneni baKho kulokhu ukusa eGameni likaJesu, sizisho ukuthi asihambisani nezinto zezwe, okushiwo nguYe, ukuthi ningeke nakhonza uNkulunkulu nomamona, okusho izwe; kuphakathi kokuthi sizonda oyedwa futhi sithande omunye noma sithande oyedwa futhi sizonde omunye.

23 Futhi siyakholwa kulokhu ukusa ukuthi sihambisana nokuPhila okuPhakade lapho semukela uJesu Kristu ngokukholwa futhi sinobufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele ehlala ezimpilweni zethu usihola usiqondisa. Sibonga kakhulu ngalokhu, ukuthi uma sibona isono akunandaba ukuthi kumnene kanjani, ukuthi kungabukeka kukuhle kanjani, kukhona okuthize phakathi kwethu okusenza sigxume, deda kukho, njengesiboniselo engisinikezile ngemoto iza ngesivinini esikhulu. Asifuni ukubanjwa noma kuphi e—sonweni. Deda kuso.

24 Namanje, Nkosi, ngizwa kulokhu ukusa ukuthi kunabaningi abagulayo nabadingayo, sengathi ngingabakhulekela, Nkosi, ukuthi Wena uzonikeza ukukholwa kulaba ikakhulukazi etabernakele kulokhu ukusa abazongena emgqeni womkhuleko, ukuthi bazobeka eceleni konke okuncane okusindayo, konke—konke ukungakholwa, sidede kukho masinya, futhi sibalekele eNkosini uJesu ekukholweni ukuba sikholwe.

25 Ngikhulekela labo osezibhedlela nasemakhaya alulamayo. Futhi, Nkosi, ngikhulekela umama wami. Namanje, Nkosi, Umgcinile enathi, futhi siyaKubonga ngalokhu. Futhi ngokukholwa selula izandla ezifunayo, kuqala ukwazi intando kaNkulunkulu, ukubona ukuthi uma kuyintando yaKhe ngaye ukuba ahambe. Uma kuyintando yaKhe, khona-ke si—leyo yintando yethu, kodwa kuqala sifuna ukwazi uma uSathane ebenzile lobububi futhi kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abasithandayo ukusinika isivivinyo. Manje-ke, Nkosi, sifuna ukuma sinesibindi endaweni yethu yomsebenzi.

26 Siyacela kulokhu ukusa, Baba, ukukhumbula zonke lezozingcingo nezicelo ezikhethekileyo esiphandle lapho eofisi ezilindileyo. Busisa abathandekayo bethu ndawo zonke.

27 Futhi namhlanje njengoba kuwunkatho lokuphendula imibuzo, Nkosi, siyaqonda ukuthi lezi zijulile, izinto eziqotho esenhliziyweni yabantu. Abayibuzanga nje ngobuthutha; bayibuze ngenxa yokuthi bakhathalele ekwazini iQiniso. IZwi laKho liyiQiniso.

28 Ngakho, Baba, sikhulekela ukuthi Uzokwenza izingqondo zethu zihambisane kulokhu ukusa naleliQiniso, iZwi, futhi sisize, Nkosi, ukuba sikwazi ukuqonda kangcono namhlanje uma sisuka kulendlu yokufundisa, ukuze kube kuhle emiphefumulweni yethu. Sicela lokhu ngenkazimulo kaNkulunkulu eGameni likaJesu Kristu iNdodana yaKhe. Amen!

29 Manje, kunamanye amaduku abekwe lapha, ngiyethemba, azokhulekelwa, futhi sizokwenza lokho kafishane nje masinya nje uma singaphumelela. Manje, ngesikhathi esifanele cishe sinehora nohhafu. Angazi ngempela noma ngabe, njengoba ngishilo ngaphambili, ngizokwazi ukuphendula yonke lena noma qha. Kodwa esikuplanele uhlelo namhlanje ngukuphendula imibuzo, nginentshumayelo encane nje lapha ngo—yo—ukusiza ukukholwa kwabantu, bese-ke siba nomkhuleko wabagulayo. Futhi khumbulani izinkonzo kulobubusuku, nemihlangano yaphakathi neviki, imihlangano yendoda, kanjalonjalo.

30 Futhi angazi mayelana neSonto elizayo uma . . . Ngine—nendaba enhliziyweni yami engizothanda ukuyiletha ebandleni uma kungenzeka, uma iNkosi ikuvumela, ngaleliSonto elizayo elilandelayo, i—into egqamile impela efika kimi ngaleliviki ukuyishumayela, umlayezo nje engizoshumayela ngawo, umlayezo wokuvangela . . . Sizobona ngalokho kamuvanyana njengoba iNkosi yethu izohola.

31 Futhi ngikhulekeleni manje, ngoba kuzoba nezinqumo ezinkulu ezenziwayo. UMfowethu Roy Borders (ngethemba ukuthi uhlezi ndawo ndawo lapha kulokhu ukusa), unakekela imihlangano, futhi unebhuku ligcwele izimemo esingenayo

ezinyangeni ezimbalwa ezedlule—nezindawo zokuhanjelwa, nabantu bazombizela imihlangano. Futhi ngakho khulekelani ukuthi uNkulunkulu uzongivumela ngenze isinqumo esifanele kunoma yikuphi engikwenzayo, kwangathi kungaba ngokufanele, i—okuzobala.

32 Manje, ukuphendula imibuzo esaziyo ukuthi ibukhali . . . Futhi yingalesosizathu ngiphendula imibuzo (asizange senze izaziso zenkonzo yokuphilisa noma enye into, ngakho kuzoba nje ngabafo basekhaya lapha), ukuze sithole ukuthi yini ebisenhliziyweni yabo.

33 NoMfowethu Neville ehlezi emuva lapha, umfowethu oligugu nomelusi, u—ngibonga kakhulu ukumbona eqhubekela eMbusweni kaNkulunkulu; ngikholwa ukuthi usefike waqhubekela phambili eminyakeni engangemibili edlule kunoma enzile kuyo yonke iminyaka ihlanganiswe ndawonye. Ukuthi iNkosi imbusise kanjani. Ngijabula kakhulu ngalokho.

34 Futhi angizukusho ebusweni bakhe . . . ngikwenza ngemuva kwakhe, futhi niyakwazi lokho. Ngamazi uMfowethu Neville kusukela ngisengumfana nje. Niyabo? Futhi ngiyazi ukuthi uma uMfowethu Neville . . . Ngikholwa yilokhu; usengaphansi kokwenza amaphutha njengoba sonke sinjalo; so—sonke sisengaphansi kwalokho, sisengumuntu. Kodwa kungevele enhliziyweni yakhe; angikukholwa lokho. Ubengabaqotho, futhi ubehlala njalo engubuqotho obuphakeme kunakho konke.

35 Futhi ngenkathi efika kuloMlayezo, ngike ngaba naye—ngamletha lapha ngevoti yebandla ukuba abe ngumelusi lapha ngenkathi engakaziqondi ngisho nalezizinto njengoba esenza manje. Kodwa ubuqotho bakhe ukuvuma ukulala phansi futhi akubuke ngale bese esondela kukho ngenhlonipho, sekuze kuthi ngicabanga ukuthi usenesendlalelo esiqinile esihle, ukuthi uma ekhuphuka manje, useyazi lapho emi khona manje.

36 Ngakho ngi—ngijabula kakhulu ngetabernakele. Futhi bathi ngobunye ubusuku e—babenomhlangano lapha noma ngabe babezokwakha itabernakele elisha noma banwebe leli futhi balenze libe likhulu ngokuthe xaxa futhi benze amakamelo kaSonto sikole kulo; nebandla lavota ngokuvumelana lonke ukuba linwetshwe, ukufaka okusha okunwetshiwe kulo phandle lapho, lenziwe libebanzi ngokuthe xaxa, bese kufakwa amakamelo kaSonto sikole ukuze kube namaklasi awo onke amaklasi, bese befaka ukhaphethe phansi, bese bebeka ukhuni lwebirchi phezu kwawo, futhi kulungiswe kahle kakhulu, nokwenza amatshe angumqolo ngaphandle. Futhi ngakho ibandla lavotela lokho. Futhi ngicabanga ukuthi abaklami bokwakha indlu nabo basemsebenzini manje. Kunomhlangano walo kusasa ukulenza libe yi—yibandla elikhulu ngokuthe xaxa, silinwebe ngemuva futhi sililungise macala onke ngokwehlukile. Ngakho sizoyibonga iNkosi ngalokho.

37 Manje, kulemibuzo engi . . . Eminye yayo angikayibukisisi ngisho. Ngingadingeka ngihambe kalula ukupelisha amagama ngokuphumisela ukuthola. Akusikho ukubhala kwakho, kodwa yimfundo yami enomkhawulo.

**151. Siyakholelwa ekubhaphathizweni . . . IZenzo 2:38, kodwa singababaphendula kanjani abantu mayelana nomunye umbhaphathizo na? Basindisiwe noma qha na? Nalabo asebashona futhi bengazange bakwemukele ukukhanya na?**

38 Manje, lowo ngu—ngumbuzo omuhle. Manje, ake ngisho futhi (niyabo?) kulemibuzo, uma ni—uma ngingayiphenduli ngokwemicabango yenu . . . Ngizoyiphendula ngokusondela emBhalweni nje ngakho konke engikwaziyo ukuthi kanjani, ukuyenza ibe ngokomBhalo.

39 Manje, indlela yangokomBhalo yombhaphathizo wamanzi iseGameni leNkosi uJesu Kristu, etholakala eZenzweni 2:38 nayo yonke eminye, lonke iBhayibheli. Futhi abantu abaningi namhlanje futhi cishe onke amabandla yonke indlela kusukela ekuqaleni, lowo owawuqalayo, babhaphathiza abantu egameni likaYise, egameni leNdodana, nasegameni likaMoya oNgcwele. Manje, benza lokho ngokweduka. Akukho ukuthunywa okunjengalokho eBhayibhelini, akukho-ndawo nhlobo. Akutholakali ngisho nasemiBhalweni.

40 Ngenkathi uPetru . . . Ngenkathi uMathewu ebhala lokho uJesu akusho . . . Lapho ababethathe khona uMathewu 28:19, "Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize egameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele" . . .

41 UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, lokho yiziqu, hhayi igama. IGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele yiNkosi uJesu Kristu. UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele . . . Futhi uma E . . . Base-ke bebhaphathiza konke eBhayibhelini, wonke umuntu eGameni le—leNkosi uJesu Kristu. Kwehle njalo ngomlando beza kwaze kwaba ngukwakheka kweLawodikeya (ngiyaxolisa), uMkhandlu waseNayisiya webandla eliKatolika eNayisiya, eRoma.

42 Ngenkathi ibandla lePentecostal . . . Amaqembu amabili, ehlukana, elilodwa lalifuna ukuhlala neZwi, iZwi elilotshiwe, abanye babefuna ibandla eligqamileyo. Kwakungesikhathi sokubusa kukaConstantine. NoConstantine wayengesiyo indoda ekholwayo; wayengumhedeni kwasekuqaleni. Kodwa u—wayengusopolitiki owayefuna ukuhlanganisa . . . Uhhafu weRoma wawungumKristu; uhhafu walo lalingumhedeni, ngakho wazithathela okunye kobuhedeni nokunye kobuKristu eqenjini eligqamileyo; base bezakhela inkolo engeyabo.

43 Ngakho-ke, ukudelela iBhayibheli, ibandla eliKatolika likholwa ukuthi uNkulunkulu wanika ibandla amandla ukuba lishintshe noma lenze noma yini elalifuna ukuyenza. Niyabo?

Ngakho-ke, uma ibandla eliKatolika liqinisile, uma lokho kuyiqiniso uNkulunkulu akwenzayo, kusho ukuthi-ke sonke sinephutha ngaphandle kwamaKatolika (niyabo?), ibandla eliKatolika liqinisile. Khona-ke ibandla leMethodisti liqinisile. Khona-ke ibandla leBaptisti liqinisile, noma zonke izinhlangano ziqinisile. Niyabo? Zinelungelo. Futhi ubani-ke oqinisile pho? Uma iKatolika linamandla ukuthi angashintsha noma yini iBhayibheli elifuna ukuyisho futhi bayenze olunye uhlobo lwezimfundiso ko "Yethi, Mariya" kanjalonjalo, iMethodisti inelungelo lokuthi, "Umbhaphathizo ngokucwiliswa uyiphutha; sizofafaza," futhi onke aqinisile, ngoba ngalinye lingenza noma yini ibandla eliyikho, manje, ubani-ke ibandla pho? Ngabe iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, noma yini na? Niyabo?

44 Ngakho ningeke—niyamazi lowoNkulunkulu, u—umthombo wakho konke ukuhlakanipha wayengenakuyenza into enjengaleyo. Akukho okunjalo... Lapho akukho ngisho nomqondo ophusile kukho, bungasaphathwa ubuhlakani boBukhona obungaphezu kwemvelo. Yinye kuphela into eqinisile; lelo yiZwi. IZwi liqinisile!

45 Ngakho manje-ke, uma ibandla eliKatolika belifuna ukusho kulokhu ukusa, "Sizoweqa nje umbhaphathizo ngakho konke bese sithatha ukudla isigaxa sikashukela njalo ekuseni. Yilokho esizokuthatha kukho ukuthethelelwa kwezono!" khona-ke lokho kuzoba ngokuqinisileyo, ngoba ku—uNkulunkulu wanikeza lelogunya ebandleni.

46 Kodwa niyabo, kimi yiZwi eliqinisileyo, ngoba ekuvaleni kweBhayibheli, uNkulunkulu washo lokhu eZwini laKhe, "Oyosusa izwi elilodwa kuLeli noma enezele izwi elilodwa kuLo, naye kuyothathwa, isabelo sakhe, sikhishwe eNcwadini yokuPhila." Ngakho kimi yiZwi!

47 Futhi ayikho into enjalo eBhayibhelini njenganoma ubani eke abhaphathizwe egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; ngoba ayikho into enjalo. U*Yise* akusilo igama; ne*Ndodana* akusilo igama; no*Moya oNgcwele* akusilo igama, kodwa iGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele yiNkosi uJesu Kristu. Khona impela abaphostoli nabo bonke kwehle njalo ngeminyaka abakuqondile.

48 Manje, umbuzo olandelayo u... Kusobala lokho kuqinisile ngokomBhalo. Lelo yiQiniso.

49 Futhi eBhayibhelini ngenkathi bethola abantu ababekade becwiliswe ngenye indlela kunaseGameni likaJesu Kristu, bayalwa ukuba baphinde babhaphathizwe futhi eGameni likaJesu Kristu ngaphambi kokuba bakwazi ukwemukela uMoya oNgcwele—iZenzo 19:5. Kunjalo! Ngakho lokho kuyiQiniso ngokomBhalo.

50 Manje, akukho-mbhishobhi; akukho-mbhishobhi omkhulu; akukho-mfundisi; akekho omunye umuntu ongasho izwi elilodwa elimelene nalokho, ngoba lelo yiQiniso. Niyabo?

51 Futhi ngabuza ngolunye usuku eChicago phambi kwamakhulu amathathu abefundisi ama laphaya ukuba abe nenkulumompikiswano nokubuza ukuthi . . . Mina . . . NeNkosi yangitshela, Inginika umbono, futhi yangitshela ukuthi siyobe sikuphi nokuthi kuyokwenziwani. Ngama phambi kwabefundisi bakamthathu emunye abangamakhulu amathathu, ngase ngithi, "Manje, uma nginephutha kakhulu kulemfundiso, abanye benu ndoda sukumani lapha futhi nikhombise ukuthi kukuphi lapho enginephutha khona ngomBhalo ngaphandle kwebhuku eliphethe indaba yesifundo. Uma ingekho into ethiwa yinzalo yenyoka enobuqili noma into ethize efana naleyo ebengiyifundisa, wozani lapha nje futhi ningikhombise ngemiBhalo." Akukho muntu owanyakazayo (niyabo?), ngoba ngeke kwenziwa. Yiqiniso lelo. Kungesikho ukwehluka, kodwa nje kuyiQiniso; yiZwi. Futhi yilapho . . . Akekho ongakwenza inkulumompikiswano lokho; lelo yiZwi likaNkulunkulu; akekho umuntu ongakwenza. Niyabo?

52 Kodwa manje, "Ngabe laba abanga . . . " Ake ngifunde lokhu ukuba ngiqiniseke ukuthi kuqinisile. Niyabo? "Mayelana neminye imibhaphathizo, ngabe basindisiwe noma qha na? Futhi labo asebashona abangazange bakwemukele ukukhanya na?"

53 Awu, ngikholwa—ngikholelwa ngokuqinile ukuthi uNkulunkulu wabiza abantu baKhe wayesegcoba iBandla laKhe, nabo bonke labo ababezoba lapho, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngikholwa ukuthi iBhayibheli lifundisa lokho. Futhi ngikholwa ukuthi wonke umuntu othanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakhe uyofuna iQiniso. Ngi—ngi—ngiyakukholwa lokho, ukuthi bazokwenza lokho. Wonke umuntu othanda uNkulunkulu uzokwenza lokho.

54 Ngikholwa ukuthi uma umuntu abhaphathizwa ngokungesikho ngokungazi, engazi ukuthi wabhaphathizwa ngokungesikho . . . Manje, ngeke ngakusho lokhu ngokomBhalo. Kodwa ngiyakukholwa ngenhliziyo yami ukuthi uma umuntu ubengazi ukuthi yini eyenziwa ngokuyikho, futhi wenza into ngakho konke ukwazi kwakhe, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubengeke akunake lokho bese emsindisa noma kanjani, ngoba ubengenakho . . . Khumbulani, emuva ezinsukwini zikaWesley, emuva ezinsukwini zikaLuther enguqukweni, lawo indoda amakhulu kaNkulunkulu uNkulunkulu awahlonipha futhi wafakazisa ukuthi Wawahlonipha, afela ekukholweni (niyabo?), nakho konke ukuKhanya ayenakho.

55 Futhi lapho kungahle kube yizinto engisazikholwayo njenge . . . Noma yimuphi umuntu uyamuzwa uCharles Fuller kulokhu ukusa ekutheni "Ihora leMvuselelo eyiFeshini

eNdala na?" Ungomunye wothisha bami engibathandayo beBhayibheli, nokho indlela yakhe, indlela endala, futhi . . . Kodwa ngicabanga ukuthi unguthisha omkhulu weBhayibheli. Futhi ushilo kulokhu ukusa (ubefundisa nge—ngesiprofetho, ngiyakholwa); ushilo ukuthi—ukuthi kwakunezinto ezinkulu ezisengaphambili, izinto ibandla elingazi lutho ngazo ziyovulwa kubantu. Ngathi, "Amen!" kulokho. Ngikholwa ukuthi sisenakho ukuKhanya okukhulu okuzayo manje okuyovele nje kuchichimise umhlaba ngolunye lwalezizinsuku okwesikhathi esifishane, mhlawumbe ezinyangeni ezimbalwa nje. Kodwa ngikholwa ukuthi kunokuKhanya okukhulu okuzayo.

56 Ngiyakholwa ukuthi noma yimuphi umuntu phezu kokukholwa kwabo nobuqotho futhi bahamba kukho konke ukuKhanya abanakho ukuthi bayosindiswa.

57 Khumbulani, ekufikeni kweNkosi uJesu, niyakhumbula ukuthi Wabathola kanjani labo ababehamba kukho konke ukuKhanya abadingeka bahambe kukho na? Niyakhumbula ukuthi kwenzekani na? "Akasiyo yini indoda elungileyo, ngisho iNduna yekhulu engumRoma, yakhe idolobha lakithi—noma abantu bakithi isinagoge, futhi i (zonke lezizinto eyayizenzile)—isifanele lesisibusiso esicelelwa yona." Niyabo, uNkulunkulu unguBaba oqondayo; Uyayazi inhliziyo yakho, noma ngabe ukubona ngempela yini ukuKhanya kumbe noma ngabe awukuboni ukuKhanya; Uyazi.

58 Manje, ngikholwa ngeqiniso ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi impendulo eyiyonayona yalombuzo ingukuthi umbhaphathizo oyiwonawona useGameni likaJesu Kristu, nokuthi labo owabhaphathizwa ngokuphambene nasenhliziyweni yabo, hhayi ukuzazisa, uthi nje, "Awu, angifuni ukuzilulaza ngalokho!" . . . Manje lowomuntu, lokho kuyoba kubo noNkulunkulu. Kodwa uma babengazi kwehluka, ngikholwa ukuthi basindisiwe. Ngi—ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, ngoba babengazi kwehluka.

Besingahlala eside, isikhathi eside kulowo, kodwa sizama ukufinyelela kuyo yonke uma singaphumelela.

**152. Ungasiza uchaze amaHeberu 6:4 nele 6, kanti futhi chaza amaHeberu 10:26-39 na? Ngicela uchaze ukuthi ngabe lokhu kubhekisele kubantu bakaMoya oNgcwele noma abantu abangcwelisiwe; ngicela uchaze umehluko.**

59 Awu, ake sibone ukuthi umuntu ubhekisele kuphi, amaHeberu 6 nele 4. Ngiyayithanda imibuzo yeBhayibheli nje e—uhosha into ethize phakathi kuwe ukuthi uthola—uthola okuthize obungeke ukuthole ngenye indlela. Ngoba u—uthole lokho okucatshangwa ngabany'abantu, okusenhliziyweni yabo (niyabo?), futhi niyazi ukuthi benzani.

Manje, kunamaHeberu 10, futhi nanka amaHeberu 6 nele 4. Kulungile.

> *Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, banambitha isiphiwo sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,*
>
> *Banambitha okwe. . .zwi likaNkulunkulu, na*mandla *ezwe elizayo,*
>
> *Uma beyohlubuka, ukuba babuye bazivuse baphenduke; lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha, bayithela ngehlazo obala.*

Manje yilowo. Manje, amaHeberu 10:26. Kulungile, amaHeberu 10 nelama 26.

> *Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba. . . se. . .*mukela *ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo nge*sono,
>
> *Kepha kuphela ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa. . .u*m*lilo oshisayo, ozakuqeda i*phikankani.
>
> *Odelele umthetho kaMose uyakufa engahawukelwa ngezwi lawofakazi ababili noma abathathu:*
>
> *. . .ufanele,* ukushaywa isilonda *kangakanani, uyakufanelwa—*kunalokho *ufanelwe, lowo* onyathele i*—phansi iNdodana kaNkulunkulu,* wa*delela igazi lesivumelwano, angcweliswa ngalo, okungangcwele, futhi. . .wahlambalaza* e *i*misebenzi *yomusa na?*

60 Yomibili imayelana nento efanayo. Manje, ngithanda ukuchaza lokhu ku—kumuntu. Manje, uma uqaphela lapha kumaHeberu 6 nele 4, kwathi, "Akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa. . ." Lowo—lowo uhambisana nalona omunye umBhalo osanda kufundwa nje. Uma ukhanyisiwe wase-ke uyadeda ekukhanyisweni kwakho, akunakwenzeka kulowomuntu ukuba aze abuye azuze indawo yakhe futhi. Niyabo?

61 Manje, amaHeberu kuphela asho ngokwahlulelwa okwalandela lokhu ukwala. Kungenye yezinto ezesabeka ukwedlula zonke ezweni ngukwala uKristu, ngukwala ukuKhanya komBhalo.

62 Manje, niyaqaphela, "Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa futhi wenziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, uma bededa ukuba bazivusele futhi ekuphendukeni. . ." Niyabo? Nakhu lapho esikhona. "Ngokuba akunakwenzeka kulabo abake bakhanyiswa, futhi banambitha (bhekisisani), *banambitha* isiphiwo sasezulwini. . ." Babekade bekhona impela onqenqemeni lwakho: "banambitha iziphiwo zasezulwini. . ."

63 Manje, niyaqaphela abazange bafike embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Niyabo? Bakhanyiswa kukho: "Futhi banambitha isiphiwo sasezulwini (Niyabo?), kodwa benziwa

abahlanganyeli kuMoya oNgcwele (ngokunambithwa kwawo), futhi banambitha iZwi likaNkulunkulu elihle, (ingxenye yalo; Niyabo?) namandla ezwe elizayo, uma beyohlubuka, ukuba bazivuse . . . "

64 Manje, amaHeberu 10 lapha kuphela anikeza ukwahlulelwa kwalowo. "Odelele umthetho kaMose wafa engahawukelwa phansi kwawofakazi ababili noma abathathu. Pho ufanele, ukushaywa kangakanani, onyathele phansi iGazi likaJesu Kristu waledelela abangcweliswa ngalo na?"

65 Manje, ukuhlanganisa lena yomibili ndawonye ukwenzela wena umbuzo, asithathe umBhalo nomuntu eBhayibhelini owenza lokhu, futhi manje-ke singathola.

66 Manje, lonke ibandla namhlanje lingokwangempela komfanekiso. Siyakwazi lokho. Kukhona umfanekiso nokwangempela. Manje, ngenkathi uIsrayeli besendleleni yabo bevela ezweni lasePalastine, noma, bevela eGibhithe beyongena ePalastine, kwakungumfanekiso webandla lokomoya namhlanje ohambweni lwalo liya ezweni lesithembiso . . . Nonke niyavumelana nalokho aninjalo na? Bonke osiyazi bezenkolo bayavumelana nalokho, ukuthi lowo kwakungumfanekiso.

67 Bashiya iGibhithe. IGibhithe laliyizwe. Bayaphuma, badabula emanzini okwehlukana oLwandle oluBomvu ngombhaphathizo, baphumela kwelinye icala bethokoza futhi bedumisa uNkulunkulu, baya e—bathola imithetho, futhi kusukela lapho baqhubekela ezweni lesithembiso.

68 Awu, niqaphelile ngaphambi nje kokuba bafike ezweni lesithembiso (niyabo?), ngaphambi kokuba bangene ezweni lesithembiso, okwakuzoba kuphela nje yizinsuku ezimbalwa, izinsuku eziyishumi noma eziyishumi nanye, mhlawumbe hhayi kangako, ngoba kwakungamamayela angamashumi amane nento. Babeyohamba baqonde ngqo ezweni lesithembiso, babeyokhuphukela ngqo badabule u—unyaka—zonke—zonke izigaba zohambo esizihambile. Futhi beza neno, bawela uLwandle oluBomvu. Impi kaFaro yaminziswa emva kwabo. Babekhululekile ezitheni zabo, baqala ukudabula ehlane, bafika onqenqemeni lwezwe lesithembiso eKadeshi-Barineya, futhi behluleka lapho. Ngani na? Behlulekelani na?

Manje, uMose wathi ezizweni eziyishumi, wathi, "Uyothumela indoda esizweni ngasinye ukumela isizwe ngasinye, ukuyohlola ezweni ukubona ukuthi hlobo luni lwesimo elaliyiso."

69 Manje, uma lokho kungesikho impela e—indawo yakho kulokhu ukusa, lapho ovela khona namhlanje. U . . . Ibandla ledlule ekulungisisweni ngoLuther, ekungcwelisweni ngeMethodisti, futhi manje kuze kuyofika esikhathini sesithembiso. Isithembiso ngumbhaphathizo kaMoya, othenjiswe konke eTestamenteni eLidala neLisha futhi

(niyabo?), isithembiso: "Bhekani, Ngiyathuma isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu . . . " UPetru washo lokho ngosuku lwePhentekoste.

70 Leso yisiThembiso. Izwe lesithembiso ngukwakha kulelizwe likaMoya oNgcwele. Leso yisithembiso sikaNkulunkulu sebandla, ngukwakha emandleni kaMoya. Ngelinye izwe; ngelinye izwe. Nifanele niphume ezimweni ekade nikuzo, ukuba niphume ukuba nakhe kulelizwe lesithembiso, ukuba nemukele isithembiso. Khumbulani isithembiso, "Niyokwemukela amandla avela phezulu, emva kwalokhu, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu . . . "?

71 NoPetru washo ukuthi isithembiso esenziwa kusukela phansi eTestamenteni, eLidala neLisha . . . Ni—nithola kwethenjiswa kwenyuka, kwenyuka kuze kuyofika kulolosuku lwePhentekoste, base-ke bengena esithembisweni.

72 Manje, labobantu babephumile futhi babekade bebone izibonakaliso ezinkulu nezimanga kwaIsrayeli. Wayese-ke ethumela amanye indoda ukuyohlola, eyodwa esizweni ngasinye. Namanye awo abuyela e . . . Awu, amanye awo awawelanga. Amabili awela. Ngenkathi ebuya, ayenesixheke samagreypsi athathe indoda amabili ukuwathwala. Manje, ayengakaze awanambithe amagreypsi. Ayese—ayesehlane; futhi ngakho-ke, kuleyondawo kwakungenandawo yesithelo nento. Babephiwa imana, isinkwa esivela eZulwini, nezagwaca, nempilo yasendle, nalokho ababephiwa khona.

73 Kodwa manje babewelela ezweni, futhi babenesixheke samagreypsi esasisikhulu kakhulu ngangokuthi kwathatha indoda amabili ukuthwala lamagreypsi. Nalawa amabili awelela ezweni ayesebuya futhi abanika bonke abanye ogwini ukunambitheka kwalamagreypsi. Enzani na?

Ngenkathi ebuyela emuva, esikhundleni sokuthokoza ngoba ayebe nokunambitheka kwamagreypsi, esikhundleni salokho, abuyela emuva ezizweni zawo ayesethi, "O, kodwa sibone imizi emikhulu ebiyelwe yamaFilisti, noma amaHiti, namaPeriziti na—a—nawo onke ama *ti* ehlukene laphaya." "Ngani," athi, "ayiziqhwaga. Ngani, sibukeka njengezintethe uma siqhathaniswa nawo. Ngeke salithatha lelozwe. Nike naze nasikhiphelelani lapha empeleni na?" Niyabo? NeBhayibheli lasho ukuthi onke abhubha ehlane, onke; afa. Enzani na? Ayengamakholwa athiyeka emngceleni. Enyukela entweni yangempela, futhi asibona isithembiso, futhi azizwa ukuthi ayengakwazi ukuwela futhi athathe isithembiso.

74 Manje, yilokho impela okufike namhlanje ngokulungisiswa nokungcweliswa. Niyabo? "Onyathele phansi iGazi likaJesu Kristu angcweliswa ngalo," ngabantu abangcwelisiwe abenyukela endaweni lapho ababona khona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi bayamuka bese bethi, "Ngubuhlanya;

ngeke sakuthatha. Sizoxoshwa emaklasini ethu; sizoxoshwa ezindaweni zethu. Sizoxoshwa emabandleni ethu. Ngeke sakwenza lokho (niyabo?), ngoba kuphambene nokufundisa kwebandla lethu." Niyabo? Wedelela iGazi likaJesu Kristu elimlethe lonke lelibanga, kuze kuyofika ngqo ekubekweni uphawu kwesithembiso, bese-ke esuka kuso. Wathi akunakwenzeka nhlobo ukuba bona baze basindiswe. Niyabo, niyabo? Hhayi labo ababehambe bawelela ezweni lesithembiso . . .

75 Khumbulani, uJoshuwa noKalebi kwakuyibona bobabili kuphela kulo lonke leloqembu labantu abayizigidi ezimbili nohhafu elawelela ezweni lesithembiso, ngoba bawelela ezweni lesithembiso, futhi bathola isibusiso, futhi babuya. Base bethi, "Sinamandla okulithatha, ngoba uNkulunkulu usho njalo."

76 Futhi bahlala lapho. Ngani na? Manje, bonke labobantu babuka izimo, kodwa uJoshuwa noKalebi wayebuka lokho okwashiwo nguNkulunkulu: "Ngininikile lelozwe; hambani nilithathe."

77 Nalokho kunamuhla, abantu bathi, "O, uma ngibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, uma ngemukela uMoya oNgcwele, ukuba—ukuba bengingakhuluma ngezilimi noma ngiprofethe, ukuba bengingafakaza noma ngimemeze ebandleni lami, bebengangikhipha." Qhubeka ngqo!

78 Wena uthi, "Awu, ngizokutshela khona manje, ngiphila impilo yomKristu; ngiphila enhle, ehlanzekile, impilo engcwelisiwe . . . " Lelo yiqiniso, kodwa usufike kwelamanqamu, ufika endaweni, umncele. Futhi uma udeda kulokho, khona-ke "akunakwenzeka kulabo abake bakhanyiswa . . . " Niyabo?

79 Ngamany'amazwi, umuntu ufike edlule ekulungisisweni, uyahamba, uthi "Ngikholwa ukuthi ngifuna ukushumayela iZwi." Uyasindiswa; wathi, "Ngikhathele yisono." Kulungile. Bese eyaphuma-ke, futhi kuqala usabhema, futhi mhlawumbe uyakhanuka noma enye into. Emva kwesikhashana uthi, "Nkulunkulu, lokhu akumfanele umKristu, ikakhulukazi umfundisi, ukubuka abesifazane ngendlela engafanele, ukubhema osikilidi!" noma; "Ngiyakuphuzela okwenhlalakahle kotshwala nabafo, kodwa—futhi ngisho nebandla lami, kodwa akubonakali kukuhle. Ngingcwelise, Nkosi." Bese-ke iNkosi iyamngcwelisa, isuse yonke leyonkanuko kuye, yonke into. Manje-ke useyisitsha esingcwelisiwe. Manje-ke lokho uNkulunkulu amethulela khona ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ukwenza lokho, uzofanele aphume kulesosigejane anaso. Yilapho akhombisa khona ubunjalo bakhe; bese ehoxa. Wenzani uma ehoxa na? Ugxoba iGazi likaJesu Kristu elamngcwelisa, kube sengathi laliyinto engengcwele, lingakwazi ukumyisa laphaya. Khona-ke akunakwenzeka kuye ukuba

asindisiwe. Bese kuthi-ke kwenziwa ini na? Kodwa emlilweni owesabekayo nokwahlulelwa.

Ngithemba ukuthi lokho kucacile. Uma kungacacile, ngani, ngaziseni kwesinye isikhathi. Ngineminingi kakhulu yayo lapha, ngi . . .

**153. Mfowethu Branham, wayechaza ukuthini uJesu kuJohane oNgcwele 21:15 kuyakwele 17 ngenkathi ebuza uPetru ukuthi wayeMthanda na futhi wamtshela ukuba aphe iwundlu laKhe, Wayesethi, "Yipha izimvu zaMi!" futhi evesini 17 wathi futhi, "Yipha izimvu zaMi!"?**

80 Awu, lokho nje kuyilokhu. Niyabo, uKristu unguMelusi wezimvu. Wayesemuka, futhi Wayeshiya umyalo weziMvu zaKhe, noma yimuphi umelusi wezimvu aziphayo, okunguMhlambi waKhe, iBandla laKhe . . . Niyabo? Wayehola—noma eshiya umyalo nalababafundi ukuba baqhubeke baphe umhlambi, i—ukuba ngumelusi wezimvu, aphe izimvu.

81 Ngamany'amazwi njengalokhu, uma—uma ubuka phandle lapha . . . Lapha kulokhu ukusa, yilokho engikwenzayo. Manje, izimvu ziyokhula kuphela lapho uzipha ukudla kwezimvu. Manje, uma ubungafraya ihembega enkulu bese uyinika imvu, ibingeke ikhule ngalokho, ngoba, niyabo, ayi—lokho akusikho ukudla kwezimvu. Niyabo? Futhi—futhi ukuba bengingafraya noma kube yi—ngibe nesiteki inyama yesinqe elungisiwe, bese ngiyipha imvu, a—akusikho ukudla kwezimvu. Ibingeke nje ikudle, yilokho kuphela, ngoba iyimvu. Kodwa imvu ithanda ukudla kwezimvu. Awu manje-ke, uma uzopha uMhlambi kaNkulunkulu, ungaziphi isayense ethize yezenkolo eyenziwe ngumuntu; ziphe iZwi; zikhula lapho-ke izimvu. Ziphe iZwi!

82 Yiba ngumelusi wezimvu, umelusi wezimvu wangeqiniso. "Yipha izimvu zaMi." Iwundlu ngabancinyane, kusobala, nemvu ngumuntu omdala. Ngakho bancane nabadala, yiphani umhlambi kaNkulunkulu! Niyabo? Futhi ipheni iZwi! IZwi (niyabo?) liyiQiniso! UJesu wathi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngawo onke amazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Kunjalo na? Ngakho manje-ke, uma umuntu ezophila futhi bangumhlambi kaNkulunkulu, leli—ibandla, khona-ke bazokhulela phezu kweZwi neMana kaNkulunkulu. Lena yiMana yaKhe!

83 E—eBhayibhelini, sisanda kwedlula kukho laphaya e—e—eMinyakeni yeBandla. UJesu uyiMana efihliweyo; uKristu uyiMana yebandla. Yini imana na? Imana eTestamenteni eLidala kwakuyilokho okwehla kuvela eZulwini kufreshi njalo ebusuku ukuqinisa ibandla ohambweni lwalo. Kunjalo na? Manje, eTestamenteni eLisha yini iMana efihliweyo na? "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona (ufihliwe); nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." NoKristu uyilayoMana efihliwe

evela kuNkulunkulu ivela eZulwini kabusha nsuku zonke—nsuku zonke.

84 Ngeke sasho ukuthi, "Awu, emavikini amabili edlule ngaba nesehlakalo esikhulu sikaNkulunkulu." Kuthiwani ngakhona manje na? Niyabo? Nsuku zonke, ifreshi, isibusiso esisha, into entsha ethize ivela kuNkulunkulu, iMana efihliwe yehla ivela kuNkulunkulu iphuma eZulwini, uKristu. Futhi sizitika ngaleMana enguKristu, futhi Uyasiqinisa ohambweni size sifinyelele e—ezweni ngapesheya.

85 Manje, Wayechaza lokho ngokuthi, "Yipha izimvu zaMi." Besingangena kulokho, besingeke neze safinyelela kuyo yonke imibuzo esele, ngoba lowo ngomuhle kimi. Ngiyakuthanda lokho, uma ngikhuluma ngoKristu eyiMana noKudla kwezimvu.

86 Ziphe uKristu eZwini laKhe. Niyabo? Thatha iZwi likaKristu ngayo impela indlela elilotshwe ngayo lapha bese ulipha izimvu. Akunandaba ukuthi omunye umuntu uthini, "O, zidinga ihembega!" Ungakukholwa. Nakhu ezikudingayo, khona lapha! Yikho Lokhu. Niyabo? Zinike Lokhu! Lokhu nguKudla kwezimvu. Yilokho okuzenza zikhule. UMoya oNgcwele, leli yiZwi laKhe, umyalo waKhe. Izwi liyiMbewu. Imbewu iveza isithombo; isitshalo esisidlayo. Manje, yilokhu okuveza isithombo uMoya oNgcwele okhulela phezu kwaso, yiBandla. Upha . . . Wo—Wo—Wondla phezu kweBandla, uMoya oNgcwele uyenza, uthokoza ebukhoneni bukaNkulunkulu, ngenxa yokuthi abantu ukholwa iZwi laKhe futhi bevumela Yena asebenze ngabo, ebanika zona impela izinto uNkulunkulu abethembisa zona ukuthi bayozenza. NoNkulunkulu ubona iBandla laKhe likhula, ngakho-ke imvu iyaphiwa, noMoya oNgcwele ukhazimuliswa. Niyabo? Yilokho-ke. "Yipha izimvu zaMi!" Kulungile.

Manje, uma lokho kungesikho konke, ngani, ngaziseni kamuvanyana.

**154. Mfowethu Branham, lapho ngedlula emgqeni womkhuleko esikhathini esifishane esedlule, izandla ezigcotshiwe zibekwe phezu kwami nomkhuleko wenzelwa umyeni wami ongasindisiwe. Ngigwazwe amandla eNkosi! Ngabe lesi yisibonakaliso esiqinisekayo ukuthi uzosindiswa na?**

87 Awu, i . . . Kubophezelekile ukuba kube ngowesifazane. Dadewethu, ngeke nga—ngeke ngacabanga ukuthi bekuyisibonakaliso esiqinisekayo ukuthi ubezosindiswa, nokho ngiyakholwa uma—lowoNkulunkulu, ku . . . Ngiyakholwa uzosindiswa, impela, kodwa ukuthi . . . "Manje, ungasho ukuthi lowo ngu ISHO KANJE INKOSI na?" Qaphela ngalokho (uyabo?), ngoba, uyabo, kungahle kube uMoya oNgcwele ukubusisa, ngoba wena uthathe indawo kaKristu. Niyabo?

88 Uza lapha ukuba umele umyeni wakho onesono njengoKristu waya esiphambanweni ukumela ibandla

elinesono. Uyabo? Kwakuyinto enkulu owayenzayo. Kodwa ebengingakwenza . . . Uma ukhona kulokhu ukusa, uma wena obhale lombuzo, ebengingakwenza, bengingakholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi uNkulunkulu ubezokwenza (uyabo?)—ukuthi uNkulunkulu ubezokwenza, ngoba noma ngabe Ukunika isibusiso kumbe noma ngabe Akakunikanga, leyo bekuyinto engeziwe uNkulunkulu akunika yona. Kodwa ngikholwa ukuthi bekungaba—bekungakwenza uzizwe ukahle, ngoba Ukubusisile.

89 Kufana nje nokuthi uma ukhuluma ngezilimi, futhi akukhomhumushi ebandleni, ngani, awufanele ukhulume ebandleni ngaphandle uma kukhona umuntu ukuba ahumushe izilimi. Kodwa uma ukhuluma ngezilimi, futhi kungekho-mhumushi . . . Ngani, sebenzisa . . . wena . . . Nomaphi usemkhulekweni, ekhaya lakho kumbe noma ngabe ukuphi, khuluma-ke, ngoba "Okhuluma ngezilimi ezingaziwa uzakha yena." Kumnika induduzo. Niyabo? Uzizwa ekahle, ngoba umi lapho ekhuleka nento yokuqala niyazi, uMoya oNgcwele ufika phezu kwakhe owesilisa noma owesifazane futhi baqala ukukhuluma ngezilimi. Nomphefumulo wabo wawuthokoza futhi ujabula, ngoba ba—bakhuluma ngezilimi. Niyabo?

90 Ngani, lokho kwakuyi—lokho kwakuyi—kwakungesiso nje isibonakaliso sokuthi uNkulunkulu wayezophendula umkhuleko owawuwukhulekela, kodwa kwakuyisibonakaliso sokuthi uMoya oNgcwele uyakuzwa. Yi—yi . . . Uyakwazi; Unawe. Leyo yinto efanayo ebengingayisebenzisa kulokhu. UMoya oNgcwele ukunika i—isibusiso.

91 Lapha kungekudala. Isikhathi sokugcina engakhuluma ngezilimi, ngokukhumbula kwami, kwa . . . ngangi . . . Sekuthi akube yiminyaka emithathu noma emine eyedlula. NgangiseIllinois, noBilly uza emva kwami ukuyo—ukuya e—umugqa womkhuleko enhla eZion City. Futhi ngangithwele enhliziyweni yami, ngase ngiguqa phansi ngase ngiqala ukukhuleka. Futhi ngisakhuleka, nge—ngezwa uBilly enyuka wayesengqongqotha emnyango. Ngase ngithi, "Billy ngeke nga—ngahamba manje." Wayesephumela lapho wayesehlala phansi.

92 Futhi ngangikhuleka, inhliziyo yami ithwele kakhulu; nga—ngangingenakuya enkonzweni nginjalo. Futhi niyabo, ngokujwayelekile ngezinye izikhathi Unginika umbono angikhombise into ezokwenzeka, kodwa Akakwenzanga ngaleyonkathi. Futhi nje ngangikhuleka kude ekamelweni lapho, futhi ngezwa omunye ekhuluma. Ngayeka ukukhuleka. Ngalalela, futhi kukhona osemnyango, babe . . . Kwezwakala njengolwimi lwakwamanye amazwe, njengesiJalimane noma isiDashi Low, noma into ethize; kwakushesha kakhulu, kuqeketha. Ngalalela futhi, ngase ngicabanga, "Awu, kukhona

onyukela lapho ekhuluma naleyondoda yasehhotela labahamba ngezimoto ngesiJalimane; mhlawumbe izomphendula."

93 Ngase ngiyeka ukukhuleka, ngencike esihlalweni kanje, ngilalele, futhi waqhubeka nokukhuluma. Ngacabanga, "Awu, ngiyamangala ukuthi kungani kukhona umuntu ongaphenduli." Ngase ngilalela; ngacabanga, "Awu manje, leso akusiso yini isimanga."

94 Kwakukhona izikali zesisindo ezansi nomgwaqo, ngase ngimuzwa lowomfo ezansi lapho empompoloza, "Suka!" niyazi, futhi, "Shayela uhambe!" Ngase ngiphenduka, ngabuka phandle ngaleyondlela, futhi ngakwenza, ngezwa umlomo wami. Ngithola ukuthi, kwakuyimi engangikhuluma. Kwakuyimi. Futhi ngathula du, ngingazi nento eyodwa. Ngangingasenakho ukulawula kwalokho engangikusho kunalutho, ngingazi neyodwa into engangiyisho, kungekho-nto. Ngavele nje . . . Umlomo wami wawunyakaza, ngangikhuluma olunye uhlobo lolwimi. Ngavele ngababamba ngathula du. Emva kwesikhashana kwathula. Futhi ngenkathi kuthula, o he, ngezwa kuthi angidazuluke, nje ngi—nje ngijabule kakhulu. Angazi ukuthi kungani, kodwa umthwalo wonke wasuka kimi.

95 Ngakho ngahamba ngaqhubekela enkonzweni-ke, ngabiza uBilly. Futhi sengifike enkonzweni . . . UMnu. Baxter ngaleyonkathi wayeyimenenja yomhlangano. Futhi wayeyi—kade ecula, elindile. Ngangileyithi ngaphezu kwehora nohhafu. Futhi ngamtshela ukuthi nje ngangileyithi.

Futhi—futhi wabona ukuthi ngangikade ngikhala izinyembezi, wayesethi, "Yin'indaba?"

96 Ngase ngithi, "Lutho." Ngase ngiqhubeka futhi kwathi nje cishe imizuzu eyishumi, kungena owesifazane ngemuva kwehholo, futhi wayesezothatha indawo emuva lapho. Futhi ngenkathi simhlola owesifazane, ukuthola, wayesendleleni yakhe evela eTwin Cities (iSt. Paul neMinneapolis, ndawo ndawo, elinye lalawomadolobha), i . . . Wayebambeke kabi kakhulu eneTB kwi—kwi ambulense babengenakulokotha bamlethe, amaphaphu akhe ayesesimweni esinjalo, nje isitho sokuphefumula. Futhi ngakho abazalwane abangangababili wathola imoto endala iChevrolet, wayesekhipha isihlalo sangemuva, wayesemlungiselela uhlaka lombhede phakathi lapho ngenye indlela, noma umbhede, wayesembeka kulo, futhi emletha emhlanganweni. Wayefuna ukuza.

97 Odokotela base bemdelile. Nasemgwaqeni ngale . . . Bamtshela ukuthi ibhampi elincane elincinyane, uyongena ekutheni abe nomopho, futhi yilokho-ke. Futhi wopha. Futhi babemkhiphile futhi bambeka eflethini elinotshani. Nabangcwele babemi lapho bemkhulekela owesifazane. Futhi nje waye . . . Ngaso sonke isikhathi uma ephefumula, kuvele nje kugobhoze; igazi lalikhafuleka emlonyeni wakhe, kanjalo.

98 Futhi kungazelelwe, waphiliswa khona manjalo! Futhi wagxuma esuka lapho wayeseqala ukuthokoza, uza enkonzweni. Futhi lapho wayesemuva lapho efakaza, emuva ngemuva.

99 Ngathi, "Bekungasikhathi sini lokho na?" Futhi ngenkathi enikeza isikhathi, ngokuthi kwakungasikhathi sini, kwakungesikhathi esifanayo impela lokho kukhuluma okwakwenzeka ngami. Awu, kwakuyini na? KwakunguMoya oNgcwele wenza ukukhulumela lowo wesifazane lapho! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

100 Manje, iBhayibheli liyakusho lokho. Ngezinye izikhathi simungunya amazwi; asazi ukuthi sikhuluma ngani. Kodwa nguMoya oNgcwele phakathi lapho ephuma, enza ukukhulumela ngezinto esingaziqondiyo. Niyabo?

101 Nabesifazane waphiliswa khona manjalo. Sezwa kuye isikhathi eside ukusuka lapho. Uphila saka, waba kahle.

102 Manje, niyabo uNkulunkulu uyazi ukuthi lezozinto zikuphi, futhi Unendlela yokukwenza. Niyabo? Unendlela engeyaKhe yokukwenza. Sifanele nje sizinikele kulokho Akwenzayo. Bese kuthi-ke—kuthi-ke into elukhuni ukwenziwa uma ufika lapho kungukuba uzibambe kulolohlangothi olulodwa oluncane lommese lobuhlanya uye eQinisweni.

103 Manje, uma ungabhekisisi, udeveli uyokuphosela ngale esigejaneni sobuhlanya futhi uyolahlekelwa yilo lonke ulwazi lwesipiliyoni nayo yonke enye into. (Niyabo?), uma wenza lokho. Kodwa uma ungahle nje ubambelele eQinisweni eliqinile, bhekisisa iBhayibheli, futhi uhlale naLo, futhi uhlale umnene futhi uthobile, uNkulunkulu uyovele nje alokhu ekuthatha ekuyisa ngaseKalvari, wehle njalo ngomgwaqo kanjalo, uma nje uzohlala nalokho.

104 Nalokho kuyinto efanayo njengoba yayinjalo eyakho, Dadewethu. UNkulunkulu wayekunika nje isibusiso. Kungahle kube ngubufakazi obuqinisekileyo ukuthi uzo. . .Kodwa ngeke nje ngathembela kulokho (uyabo?), uthi, "INkosi yangitshela!" Ngoba ngathi lololwazi lwesipiliyoni ngoba lungahle lukukhuthaze ukuba uqhubeke ukholwe. Noma ngabe kuyini uNkulunkulu akwenza lapho, kwaletha uMoya phezu kwakho kanjalo, kwakungokwenye inhloso. Kungahle ukuba bekungenye into; kodwa ukuba bekungokomyeni wakho, impela ubeyoba kahle eMbusweni kaNkulunkulu. Ngiyakukholwa lokho.

**155. Mfowethu Branham, ngabe akukho yini ngokomBhalo ukuthi abesifazane abafanele bakhulume ebandleni na?**

105 Unemibuzo emibili lapha. Yiqiniso lelo. Yiqiniso lelo—lelo. Akulungile ukuba abesifazane babe ngabefundisi futhi—futhi bakhulume ebandleni. Kunjalo, kwabaseKorinte bokuQala isahluko 14.

106 Kusobala bonke abebandla lapha, nonke niyakwazi lokhu. Nalesi kungaba yisihambi phakathi lapha kulokhu ukusa; angazi. Kodwa akulungile ukuba—ukuba abesifazane ba—babe yi—ukuba bakhonzise. Lelo—lelo yiqiniso.

Ngizonifundela khona nje lapha, futhi ni—ningathola. Futhi-ke nizo—nizokwazi: KwabaseKorinte bokuQala isahluko 14 ngiyakholwa. Ngizokuthola emzuzwini nje, uma ngingathola . . . Ya, nakhu.

> *Abesifazane benu mabathule emabandleni: ngokuba kabavunyelwe ukuba bakhulume; kepha mabathule, njengokuba usho njalo nomthetho.* (Manje, umthetho awumvumelanga umpristi wabesifazane kanjalo njalo emuva ngalezozinsuku. Niyabo?)
>
> *Uma-ke bethanda ukufunda utho, mababuze* okwabo *emadodeni abo ekhaya: ngokuba kuyihlazo ukuba owesifazane akhulume ebandleni.*

107 Manje, uma nizoqaphela iKorinte lapha . . . Amaningi alamaKristu aseKorinte namaningi ase . . . Unkulunkulukazi omkhulu wezwe ngalolosuku kwakunguDiyana, okwakungunkulunkulukazi wamaRoma. Futhi wayengunkulunkulukazi wase-Efesu. Futhi wayekhonzwa ezweni lonke jikelele. Futhi manje, abefundisi bakhe . . . Kusobala, yena engowesifazane, kwase kuthi lokho kwamenzela abesifazane abangabefundisi. Futhi ngenkathi bephendukela ebuKristwini ngoPawulu . . . Manje, uPawulu waseyetilongweni ngenkathi ebhala lezizincwadi, kusobala, eRoma.

108 Manje, bambhalela izincwadi, niyabo, emva kokuba sebeqale ukukhuluma ngezilimi futhi bathola iziphiwo ezinkulu zisebenza phakathi kwabo. Awu, laba besifazane babecabanga ukuthi bafanele baqhubeke nenkonzo yabo.

109 Manje, uma uzoqaphela, wena ofunda iBhayibheli lakho, ivesi 36 wathi.

> *Konje? izwi likaNkulunkulu . . . laphuma kinina na? futhi lafika* kinina *nodwa na?*
>
> *Uma umuntu ethi ungumprofethi, noma ethi ungowomoya, makaqonde ukuthi lokhu enginilobela khona kuyimiyalo yeNkosi.*
>
> *Kepha uma . . .* e*ngazi, makahlale engazi.*

110 Manje, ngenye indlela, abesifazane . . . Manje, uma uzothatha umlando kulencwadi (niyabo?), yebandla, laba besifazane babecabanga ukuthi babe . . . baqhubeke nenkonzo yabo njengoba nje babeyi—ompristi kunkulunkulukazi uDiyana. UNkulunkulu akasuye owesifazane; uNkulunkulu uyiNdoda. Futhi Munye kuphela owangempela, naleyo yiNdoda. Owesifazane ungumkhiqizo ovele kamuva endodeni. Indoda ayenzelwanga owesifazane, kodwa owesifazane wenzelwa

indoda. Niyabo? Uma nje ubungavula ukuqonda kwakho kokomoya, uyabo. Uyabo?

111 Indoda—ngenkathi indoda kuqala ifika emhlabeni, yayiyikho kokubili isilisa nesifazane, ubufazane nobulisa ngaphambi kokuba ibe ubulili. Niyabo? Umoya wobufazane, umoya owehlela ngezansi, yilowo okhophozelayo. Bese kuthi-ke kukhona ubulisa, indoda. Kodwa ngenkathi Enza futhi eyibeka kokwehlukile. . . Ukuze iphinde izale izwe, Waletha umoya wobufazane wawususa kuyo wayesebeka esusa kuyo ubambo ohlangothini lwayo wayesenza isifazane.

112 Wayengafanele abe ngumbusi! Ngenkathi kuqala eqala lokho, wabangela ukuwa kwesintu sonke. Niyabo? Onke, futhi ngisho kwakuyi. . . Waba yimbangela yokuwa. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wamkhuphula wayesebuyisela ukuphila ezweni ngoKristu ngowesifazane. Kodwa akukho-ndawo lapho owesifazane ake avunyelwa khona ukuba—ukuba abe ngumfundisi ebandleni.

113 Ngale kuThimothewu wesiBili isahluko 3, wathi, "Angimvumeli owesifazane ukuba afundise noma abuse phezu kwendoda, kepha makathule." Niyabo? Futhi akulungile ukuba owesifazane ashumayele; lelo yiqiniso.

114 Manje, ngiyazi ngibabonile abanye besifazane ababengabashumayeli bangempela—bashumayela kakhulu—njengoAimee McPherson nabaningi balabo besifazane lapho. Kodwa nje beka isandla sakho phezu kwabo isikhashana esincane nje. Niyabo? Aku. . . Ngiyabazi abantu abakwazile ukukhuluma ngezilimi kulokhu ukusa behlezi phakathi khona kulelibandla. Ukuba bekungekho-mhumushi, bebengeke balokothe benze kanjalo. Niyabo?

115 Nifanele nibakhumbule labo besifazane wazalwa phansi komugqa othize, ukuthi uma be. . . Ukuzalwa kwakho kunokuninginingi okumayelana nakho. Yigama lakho, okwakho—konke ngawe (uyabo?) kunokwakheka kukho, akunandaba ukuthi kuyini.

116 Bengingaphuma lapha ngidonse ingcipho esibhanyini bese ngibulala indoda kulokhu ukusa, kodwa ngeke ngalokotha ngikwenze. Kodwa ngingakwenza kahle, impela. Niyabo, bengingabulala indoda ngokufanayo njengoba ubungenza ngengwejeje; kodwa u—awufanele wenze lokho. Niyabo? Naleyo yinto efanayo. Ufanele uzibhekisise lezozinto, manje ngokuthi awenzi. . . Lena yimiyalo yeNkosi.

117 Ngenkathi bebhala ngale base bethi, "Ngani, uMoya oNgcwele wasitshela!" (Niyabo?), uPawulu wathi, "Konje? iZwi likaNkulunkulu laphuma kinina na? Futhi Lavela kinina nodwa na? Uma noma yimuphi wenu nonke—uma ninabaprofethi ngapho, bazoqonda ukuthi engikushoyo kuyimiyalo yeNkosi. (Niyabo? Kunjalo!) Kodwa uma ekhona umuntu okhombisa

okwakhe—okwakhe—efuna ukuphambana, uma efuna ukungazi, makahlale engazi nje. (Niyabo?) Myekeni kanjalo nje nimdedele aziqhubekele. (Niyabo?) Ningenzi lutho oluphambene nakho." Kodwa khumbulani, akafanele akhulume ebandleni.

118 Futhi ngakho-ke, yilapho ongahlulela khona umelusi wakho kumbe noma ngabe kuyini, noma ungowomoya noma qha. Niyabo? Wathi, "Uma umuntu ethi ungowomoya noma umprofethi, uzoqonda ukuthi engikushoyo kuyimiyalo yeNkosi." Niyabo?

119 Yingalesosizathu ngiyala abantu ukuba baphinde futhi babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu. UPawulu wakwenza lokho, wayesethi, "Uma ingelosi evela eZulwini ifika futhi yafundisa noma yini enye, mayibe ngeqalekisiweyo." Futhi yikho lokhu osekuvele kufundiswe lapha futhi. Uma kufika noma yimuphi umuntu . . . Uma ingelosi evela eZulwini ifika futhi yathi, "Vumela abesifazane bashumayele futhi babe ngabashumayeli, bagcobe babe ngabefundisi!" iBhayibheli lathi, "Mayibe ngeqalekisiweyo." Lona yimiyalo yeNkosi lapha.

**156. Kulungile yini ukuba owesilisa nabesifazane abangamaKristu bangane** (O!) **ekubingelelaneni na?**

120 Qhabo, mnumzane! Lutho nhlobo! Qhabo, mnumzane! Wanga owesifazane oyedwa, mfowethu, lowo ngumkakho (niyabo?), noma owakho—umntanakho, noma . . . Niyabo?

"Kulungile yini ukuba . . ." Ake ngibone ukuthi lokho ngikuthole kahle yini! "Kulungile yini ukuba owesilisa nabesifazane abangamaKristu bangane ekubingelelaneni na?"

121 Qhabo, mnumzane! Lutho nhlobo! Lokho . . . Ungalokothi ukuba udedele lokho kuqale! Yebo, mnumzane! Qhabo, mnumzane! Deda kwabesifazane! Bagweme! Kunjalo impela!

122 Manje, bangodadewethu, kodwa ninga . . . Manje, banakho lokho. Ukuthi e . . . Leyonto yaze yafinyelela ngisho nangale ePhentekoste, naleyo ibizwa ngo "thando olukhululekile." Futhi uma wenza—uthola noma yini enjalo, nje deda kuyo. Kunjalo!

123 Angikhathali ukuthi uhlanzeke kangakanani . . . Ungumfowethu, futhi ngi—ngikholwa ukuthi u—ungahle ube ngokahle ongcwelisiwe, indoda engcwele. Angikhathali ukuthi ungcwele kanjani; usalokhu uyindoda. Futhi angikhathali ukuthi yena owesifazane ungcwele kanjani; usalokhu engowesifazane. Deda kukho uze uganwe. Yenza lokho nje!

124 Khumbulani, umzimba . . . Ngizokhuluma idabuli manje, ukuze nina bantu esenibadala nizoqonda. Yiqembu elixubile, kodwa ngingumfowenu, nalona ngumbuzo. Niyabo?

125 Isidalwa esingumuntu ngasinye isilisa nesifazane banendlala ewuhlobo olwehlukile. Owesifazane unendlala yabesifazane, indlala yobulili. Isilisa sinendlala yesilisa, indlala yobulili. Nalezozindlala zisezindebeni zomuntu. Kunjalo.

126 Futhi nansi enye into engahle iqubulwe, indoda angana odwa emlonyeni. Lokho kungcolile! Lokho amanyala! Futhi kwenzani na? Kuqala ongqingili. Dedani kulokho! Wena uthi . . .

127 Umfo wangibuza kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, ngani, babebingelelana ngokwangana okungcwele." Bebangana kwingemuva lentamo, bawele entanyeni yabo, bese bebangana kwengemuva lentamo. Lokho kwakungaphambi kokuba kungene ukuxhawulana. Kungukubingelela. Kungaleyondlela. Babengaxhawulani ngezandla; babegaxana futhi bangana kwingemuva lentamo, hhayi ezindebeni, ebusweni. Lokho kuqala impendukezelo. Deda kukho! Ungalokothi ukwenze lokho!

128 Kulezizinsuku, siyaxhawulana. Uma ufuna uku . . . Ugaxa umfowenu, bese umanga entanyeni, noma akwange entanyeni, lokho kulungile. Kodwa ungamangi lowomuntu wesifazane, futhi ungamvumeli lowo wesifazane akwange. Niyabo? Kunjalo! Mbambe ngesandla, uthi, "Linda umzuzu, Dadewethu, umzuzu nje lapha (niyabo?); asiqondise lokhu!" Futhi ngakho, manje yenza lokho.

129 Manje nginitshele ukuthini esikhashaneni esedlule ngenkathi ngiqala na? Uma ubona noma yini—imoto iza yehla ngomgwaqo ngamamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, phuma endleleni yayo. Kunjalo! Uma ubona ukusonteka kokuqala kunoma yini enjalo, deda kuyo; suka kuyo! Futhi nje . . . Lowo ngumhlabathi ongafanele ukuba kuwo. USathane uyokwethula into ethize kuwe eyovithiza umphefumulo wakho futhi akuthumele esihogweni. Suka kuyo! Gwema khona impela ukubonakala kobubi. Kunjalo!

130 Yiba yindoda, yiba ngowesifazane, njenge . . . Ngizoba ngakowesifazane umzuzu. Lokho akwejwayelekile akunjalo na? Ba—bathi, "O, kwabangelwa ngowesifazane! O, kwaba yiphutha lowesifazane. Ukuba akaphumanga endaweni yakhe, awu, indoda yayingeke iphume kweyayo." Lelo yiqiniso. Lokho—sizothi lokho kunjalo. Uyaphuma endaweni yakhe. Indoda ingeke yaba yimbi ngaphandle uma kukhona owesifazane omubi; kodwa khumbulani ngeke kwabakhona owesifazane omubi ingekho indoda embi. Kunjalo!

131 Nawe ozisho ukuthi uyindodana kaNkulunkulu, iphi imigomo yenu na? Uma owesifazane engekho endaweni yakhe, wena awusiyo yini indodana kaNkulunkulu na? Wena awusuye yini ophakeme kakhulu, isitsha esiqinile kakhulu na? Njengoba iBhayibheli lithi ubuthakathaka kakhulu, manje-ke uma ebuthakathaka kakhulu, ngakho-ke zibonise uyindoda kaNkulunkulu. Mtshele, uthi, "Dadewethu, usephutheni." Kunjalo! Ngikwenzile, namanye amaKristu akwenzile. Futhi uyokwenza njalo inqobo nje uma ungumKristu, kodwa zibonise. Uyindodana kaNkulunkulu. U—unamandla amakhulu

phezu kwakho uqobo kunoma kwenza owesifazane. Uma ebuthakathaka kakhulu, mvume ukuthi ubuthakathaka. Aqonde amaphutha akhe, nezinto ezinjalo, noma uzame ukumqondisa. Uthi, "Dadewethu, singamaKristu, asifanele senze lokho." Niyabo? Yiba yindoda ngempela, yiba yindodana kaNkulunkulu, bese ubhekisisa abesifazane.

132 Futhi yilapho ukuwa okukhulu kuqala khona ekuqaleni. KwakunguSathane noEva. Yilokho okwaletha konke ukuwa kwesintu kungalokho.

133 Futhi uma uyindodana kaNkulunkulu, qina; yiba yindoda ngempela. Uma ungesiyo leyondlela, hlala ealtare uze ube yilokho. Futhi ukugweme impela ukubonakala kobubi. Futhi ungaqali manje ukubingelela . . .

134 Omunye wangitshela esikhathini esithize esedlule mayelana nokuthi babekubona lokho kabili noma kathathu ebandleni lami lapha, nge . . . Hhayi lapha ebandleni, kodwa abantu abeza ebandleni. Futhi uma uhlezi lapha kulokhu ukusa, bengizokumba lokhu kini kahle kakhulu. Niyabo?

135 Abesifazane, izintombi, benyuka nalawa indoda anga laba besifazane. Ningakwenzi lokho! Ninga . . . Dedani lapho. Nikukhumbule lokho! Uma esemncane, engaganile, noma ngabe uyini; uyoba ngumkamuntu ngeliny'ilanga. Futhi awuhlangene nalutho nokwenza lokho. Deda kuye. Uma ufuna ukumbingelela, khona-ke yiba yindodana kaNkulunkulu, mxhawule bese uthi, "Sawubona, Dadewethu." Bese udedela lokho kuhlale khona lapho. Niyabo?

136 Qhela kulezozinto; kungamanyala. Futhi masinya kuzokufaka enkathazweni. Uvele nje . . . O, lokho nje . . . Isono silula kabi, futhi sihalisana kakhulu, futhi sithokozisa kakhulu. Kulula kakhulu ukuwela kuso ngqo. Into enhle edlula zonke ukwenziwa ngukuthi, khona impela ngisho nokubonakala kwaso, qhela kuso! Buyela emuva! Yiba ngumKristu wangempela!

137 Nokuthi indoda yanga enye, uma wanga umfowenu entanyeni, futhi ufuna ukukwenza, lokho kulungile. Ungangi-ndoda ezindebeni, nasemlonyeni, kumbe noma yini enjalo, ngoba lokho ku—lokho akulungile. Niyabo? Qhabo, lokho—lokho kukhombisa ukuthi kukhona into encane engalungile kwase kuqaleni nje. Niyabo? Ngakho nje qhela lapho, kugweme lokho. Unga—ungakuqali lokho ngakulelitabernakele lapha. Qhabo, impela ngeke sikumele lokho nhlobo. Niyabo?

138 Wena—uma ufuna ukubona umfowenu, uma ufuna ukumanga entanyeni, awu, qhubeka futhi ukwenze, kodwa ungabangi abantu emlonyeni, ngoba lokho ngeke kusebenze; lokho akulungile! Futhi kuqala kuphela impendukezelo. Kuqala ongqingili nezinto.

139 Futhi zimbili kuphela izinto ezizokwenza kulezozinto ezinjalo . . . Uma uqala, kuthi indoda . . . Ngibonile, o, izikhathi eziningi phakathi kwabantu, bayokwehla. Ngiwabonile amabandla, nomshumayeli angene, elule isandla adumele wonke udade, futhi amgone futhi amange bese emhlalisa phansi. "Sawubona, Dadewethu, Haleluya!" Elule isandla ngale bese ebamba lona bese eyamanga. Ehle njalo ebandleni lonke kanjalo. Kimina lokho kuyiphutha!

140 Ngenkathi ngiseFinland, sonke sasilapho . . . Ningahle nikwazi lokhu, sasinemihlangano, futhi ngangise Y.M.C.A. Kwakungekho-nsipho, akukho-mithi yokugeza eFinland. Futhi kuphela . . . Nganginensipho yokushefa, futhi sonke sasisukuma bese siba nokugeza umzimba kokufaza, niyazi, ngalensipho yokushefa. Sasinocezu olulodwa kuphela, futhi sasingenansipho eFinland. Futhi babegeza nje ngohlobo oluthile oluxubile, futhi kwakuthi akukuyobule isikhumba.

141 Ngakho manje-ke si . . . Basitshela ukuthi babezosiwezela endlini yokugeza umzimba ngesitimu yabaseFinland. Sasesiwelela eY.M.C.A. Sase siwelela lapho ukuba sigeze umzimba ngesitimu. Lokho yilokho kwabaseFinland, ukuhlamba okudumile kwabaseFinland. Futhi ngake ngaba nabo ngaphambili, futhi babekahle. Ngase ngicabanga "Awu, sizo . . . eY.M.C.A., ngakho kuzoba kuhle."

142 Kodwa ngenkathi ngiqala laphaya, uMoya oNgcwele wathi kimi, "Ungakwenzi." O, kuhle kakhulu ukuba noMoya oNgcwele. "Ungakwenzi."

Awu, ngathi nje ngayo leyonkathi, ngathi, "Angikholwa ukuthi ngiyafuna ukugeza umzimba kulokhu ukusa."

UDokotela Manninen nabo bathi, "O, Mfowethu Branham," wathi, "he, kunezindlwana ezinkulu zamaglasi, futhi," wathi, "kuhle." Wathi, "Aku . . . "

Ngokwejayelekile, uma benza, baphosa lamanzi kulamadwala ashisayo futhi akwenze ube nesitimu, bese bekushaya ngamahlamvu ebirshi kanjalo, bese-ke—bese-ke ugijima utshuze emanzini abandayo. LawamaFini ahamba ayongena ngqo eqhweni no ayisi, nezinto ezinjalo. Kodwa, kusobala, babekwejwayele; amakhulu, amakhulu, amadoda anamandla. Abese ebuya-ke bese—bese engena kulokhu ukugeza umzimba okushisayo futhi, bona beshisa baye ekubandeni, ngokushesha kanjalo. Kodwa bangiyeka nje ngama lapho okwakunomoya opholile, bese-ke ngibuya, ngoba angikwazanga. Ngangesaba ukuthi kwakungamisa inhliziyo yakho, ukwenza lokho, futhi ngangingakwejwayele.

Ngakho nga—ngangibathanda kahle kakhulu, kodwa Into ethize yangitshela ukuba ngingakuthathi lokho enhla lapho. Awu, uHoward umfowethu, noMfowethu Baxter, nabo bonke benyukela lapho, nabazalwane, bonke abanye babo, niyazi,

bonke bekhuluma, niyazi, benyuka. Ngakho ngathi ukutshekula kancane, niyazi, ngoba uMoya oNgcwele wathi, "Ungakwenzi."

Ngakho senyukela eY.M.C.A., base bengena, onke lawomadoda lapho engibingelela. Futhi, o, babene—izihloko ephepheni, ikhasi lokuqala nelesibili, nsuku zonke, imihlangano. Futhi babengakhona.

Ngahamba ngangena endlwaneni encane ngase ngihlala phansi, futhi bonke bangena endlwaneni ukuyokhumula. Futhi ngenkathi besephakathi lapho un-. . . ukuyokhumula, nakhu kufika ebukeka ithandeka, encane, engumFini, intombazane enezinwele ezimhloshana; futhi angabantu abanomoya omuhle, ahlanzekile, abantu abanesimilo ngakho konke. Nansi iza, igaxe amathawula ehlombe layo, yaqala ukungena endlwaneni. Ngathi, "Hheyi, hheyi, hheyi! Yima! Psss!" Ngazama ukuyimisa. Yaqalaza yase ihleka, yaqhubeka yangena phakathi lapho, yase ibanika ngamunye (nalawomadoda, engambethe) ithawula. Owesifazane ngamunye uyeza ehla futhi wathola indoda, bawabuyisela phakathi lapho, bawakhuhla kanjalo. Ngibonile ukuthi uMoya oNgcwele ubuchazani.

Ngakho manje-ke uma sengibuya, ngathi, "Dkt. Manninen," ngathi, "kuza kanjani lokho na? Nina ningamaKristu, futhi ningene, nithatha lawo manzi okugeza afudumele afuthayo nabo. . . "

"O," wathi, "labo ngowesifazane abaguxunganayo, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Angikhathali ukuthi ayini. Kuliphutha. Akulungile." Ngathi, "Nemvelo uqobo lwayo iyakufundisa."

Wathi, "Ngani, Mfowethu Branham, akhuliswa kusukela esengabantwana, ukuguxunga. Njengamanesi akini nje eMelika, izinto ezinjalo, akhuliswa kanjalo."

Ngathi, "Angikhathali ukuthi ayini, lokho kusalokhu kuliphutha. Uqobo. Yisilisa nesifazane, futhi bafanele behlukaniswe, nokuthi bagqokisane." Amen.

Angifuni ukuqala kulokho, ngizobe ngishumayela ngalokho emva kwesikhashana, ngingeke na? Kulungile.

**156b. Ngicela uchaze uKholo lwabaphostoli.**

Lowo ngumbuzo owodwa. Lona ngowodwa, ombili, nemibuzo emithathu. *UKholo lwabaPhostoli* kuchaza "ukuKholwa kwabaphostoli." Luchaza lokho ukholo lwabaphostoli, ukuthi uhlala neBhayibheli. Manje lokho okubizwa ngokholo lwabaphostoli namhlanje, abaningi babo abahlali neBhayibheli. Kodwa olwabaphostoli luchaza u—uKholo lwabaphostoli, uKholo lwabaphostoli lweBhayibheli. Kulungile.

**156c. . . . neqembu azibiza ngaqavile abangumsuka, ngabe lamaqembu asindisiwe na?**

Manje, angazi. Uyabo, ngeke ngakwazi ukuphendula lokho. Manje, "Ngabe lamaqembu asindisiwe na?" Angazi.

**Chaza umehluko phakathi komoya ne . . .**

Awu, ngumbuzo ohlukile manje.

Manje, "Ngabe lamaqembu amabili asindisiwe na?" Ake ngikwenze lokho kuzwakale kwephusile kakhudlwanyana kini, futhi ngithi, "Angazi. Ngeke ngazi."

Manje khumbulani, nansi imicabango yami, ungaba yiphutha. Imicabango yami ungukuthi, ukuthi, uma iRoma eliKatolika, kumbe noma kungaba ubani, iMethodisti, iPresbyterian, ichurch of Christ, iLuthela, noma ngabe ukuphi, uma ekholwa eNkosini uJesu Kristu futhi ngesizotha eMethemba ngensindiso yakhe, ngikholwa ukuthi usindisiwe.

Kodwa, uyabo, ibandla eliRoma Katolika alikwenzi lokho. Bakholwa ukuthi ibandla liyabasindisa. Niyabo? I—insindiso yabo isebandleni. Njengalompristi wasuswa emoyeni, lapha esikhathini esithize esedlule, ngokuthi, "Ayikho enye insindiso, kuphela ebandleni, niyabo, ibandla lamaRoma." Manje, lelo yiphutha. Insindiso ingoJesu Kristu. Kunjalo. Hhayi ngebandla; kodwa ngoKristu.

Manje uma engowabaphostoli, noma, ya, owabaphostoli nabaqavile abangumsuka manje bazibiza . . .

Manje njengoqavile womsuka ufika kimi, lapha esikhathini esingeside esedlule, wayesethi kimi, wathi, "Wena uthi ukuncika kokukaCalvin, awunjalo na?"

Ngathi, "Awu, inqobo nje uma uCalvin eseBhayibhelini, nginaye." Ngathi, "Ngiya eBhayibhelini nje, futhi uma uCalvin ehlala eBhayibhelini. Kodwa uyachezuka eBhayibhelini, khona-ke ngizovele nje ngisuke ngihambe, ngikholwe iBhayibheli."

Wathi, "Awu," wathi, "Kukhona engifuna ukukusho kuwe. Watshela, ngikuzwile uthi uma umuntu ake asindiswa, ukuthi akasoze alahleka."

Ngathi, "Yilokho impela umBhalo okushoyo. 'UnokuPhila okuPhakade, futhi akasayi ekulahlweni noma ekwahlulelweni, kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.'" Ngathi, "Lowo kwakungesimi osho lokho. Lowo kwakunguJesu Kristu owasho lokho."

Wathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona-ke." Wathi, "Uyakholwa ukuthi uSawule wayesindisiwe na?"

Ngathi, "USawule, i—inkosi uSawule na?"

Wathi, "Yebo."

143 "Ngani," ngathi, "impela!"

Wathi, "Manje khumbula, wayengumprofethi."

144 Ngathi, "Kuyikho, iBhayibheli lathi waprofetha nabaprofethi." Wayenesiphiwo sesiprofetho. Wayengesuye umprofethi, kodwa wayenesiphiwo sesiprofetho, ngoba wayesezansi lapho nabaprofethi ngenkathi beprofetha. Kodwa siyazi ukuthi uSamuweli wayengumprofethi ngalolosuku, ngakho, kodwa uSawule wayeprofetha nabaprofethi.

Wathi, "Pho uma wayengumprofethi, pho wayesindisiwe na?"

Ngathi, "Uqobo!"

Wathi, "Manje-ke kukhona engifuna ukukubuza khona." Wathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona." Wathi, "Futhi khona-ke uSawule wasindiswa, futhi u—iBhayibheli lathi iNkosi yasuka kuye futhi uba yisitha kuNkulunkulu, futhi wazibulala, bese uthi-ke wayesindisiwe na?"

145 Ngathi, "Futhi ungoqavile womsuka na?" Ngathi, "Mfowethu, awukufundi nje kahle; yilokho kuphela. Awufundi khona okwashiwo ngumBhalo."

Wathi, "Awu, uSawule wayengeke asindiswa uma eba yisitha sikaNkulunkulu."

Ngathi, "USawule wayesindisiwe."

"O," Wathi . . .

146 Ngathi, "Wayengumprofethi, wayefanele asindiswe. Uyabo? UNkulunkulu wamsindisa, uNkulunkulu akasuye umuphi weNdiya, njengoba sikubiza. Aka . . . Awu, uma uNkulunkulu ekupha uMoya oNgcwele azi ukuthi Uzolahlekelwa nguwe khona phansi lapha, ngani, kuyinto ebingaba wubuwula obunjani nje kuYe ukuba akuphe uMoya oNgcwele endaweni yokuqala."

147 Ungamlingisa uMoya oNgcwele futhi wenze sengathi unoMoya oNgcwele, kodwa uma unoMoya oNgcwele, uNkulunkulu wazi isiqalo sakho kusukela ekugcineni. Kunjalo! Leyo yindlela yokulahlekelwa yokuphatha ibhizinisi. UNkulunkulu akaliphathi elaKhe njenge . . . U—Ungongenasiphelo, Wazi ukuphela kusukela ekuqaleni futhi wayazi yonke into eyoke ibe lapha. Yonke impukane, yonke imbuzane eyoke ibe semhlabeni, Wayazi konke ngakho ngaphambi kokuba izwe lize liqale. Ngakho niyabo, ukuthi Wayezoliphathelani kanjalo ibhizinisi laKhe. Akakwenzi lokho.

148 Uma unawo kanye, uma unoMoya oNgcwele ngempela, usindiswe phakade. Ngingakufakazisa lokho ngemiBhalo, futhi sinezikhathi ngezikhathi. Kodwa ukonga isikhathi ukuthola lemibuzo, ngingasho lokhu (niyabo?), ukuthi lomfo wathi, "Awu, pho ungathini ngoSawule na?"

149 Ngathi, "Impela uSawule wayesindisiwe." Ngathi, "Khumbula, uSawule wahlubuka; ngizokuvuma lokho. Wahlubuka futhi wasuka kuNkulunkulu, ngoba wayehaha.

Wayethanda imali." Wayekhuphule yonke imihlatshelo nezinto, ngenkathi uSamuweli ngeZwi likaNkulunkulu wamtshela ukuba abhubhise yonke into. Kodwa waze wasindisa ngisho nenkosi, futhi wasindisa inqwaba yezinto, futhi wakukhuphula ngoba . . . Niyabo? Esikhundleni sokulandela iZwi likaNkulunkulu khona impela nje njengoba Lisho, ufaka umbono ongowakho kukho; uhlubuka lapho-ke.

150 Yilokho engikucabanga ngamahlelo nezinto, ayahlubuka, ngoba awalilandeli iZwi. Futhi ubakhombisa iZwi, bayaLifulathela, uthi, "O, ibandla lakithi lifundisa *lokhu*." Lokho akulungile, kuyilokho okwashiwo nguNkulunkulu!

151 NoSamuweli wathunywa ukuba ehlele lapho—noma uSawule waye—futhi abhubhise yonke into iphele ngokuphelele nya, "Yonke into, ukubhubhise konke." Esikhundleni sokwenza lokho, wasindisa omunye umhlatshelo, futhi wayiyeka impilo yenkosi, futhi wenza yonke into. NoSamuweli waphumela kuye wayesemtshela ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawususukile kuye na—nakho konke kanjalo.

152 NoSamuweli wafa. Futhi cishe eminyakeni emibili kamuva, awu manje-ke, uSawule wayethole . . . UMoya kaNkulunkulu wasuka kuye, kodwa wayengalahliwe. Impela wayengalahliwe, ugcobo lwasuka kuye. Manje bhekisisani, futhi nibone ukuthi kwakunjalo yini manje.

153 USawule waqhela kakhulu kuNkulunkulu kwaze kwaba ngenkathi eya empini . . . Waqala ukuya empini. Futhi wayekhathazekile ngokuya empini, futhi wa—wacela iphupho eNkosini. INkosi ayimnikanga iphupho. Kwakungekho-baprofethi ezweni ngalolosuku, kungekho-baprofethi. USamuweli wayengumprofethi. Babenababaprofethayo, kodwa kanjalo kanjalo, kodwa ba—akatholanga-mpendulo evela kuNkulunkulu kungekho-ndlela. Waze wehlela ngisho nakwiUrimi Thumimi futhi wabuza lapho. Nokubaneka kwemibani phezu kweUrimi Thumimi ayangamphendula ngisho. Futhi wenzani na? Wasuka wagaqazela wayongena emgedeni lapho okwakukhona umthakathikazi, umbhuli. Nalomthakathikazi . . . Waziguqula njengomgundatshani wayesehlela lapho, wayesethi, "Ungangibhulela umoya kaSamuweli umprofethi na?"

Wayesethi—wathi, "Awu manje, uyazi ukuthi uSawule ushilo." (Wayekhuluma kuSawule, kodwa wayengakwazi.) Wathi, "USawule wathi wonke lowo onomoya bamadlozi, ufanele abulawe."

Wathi, "Ngizokuvikela kuSawule, kodwa ngibhulele umoya kaSamuweli."

Ngakho umlumbikazi wangena emilingweni yakhe, futhi into yokuqala niyazi, ngenkathi esebone uSamuweli evuka,

umoya wakhe uza, yenzeka phambi kwabo, wathi, "Ngibona onkulunkulu bevuka emhlabeni."

154 Leyo ngenye yezinduduzo. Bukani uSamuweli omdala emi lapho. Kwase kuyiminyaka emibili afa, kodwa wama lapho. Hhayi kuphela . . . Wayemi lapho embethe ingubo yakhe yomprofethi. Akusikho kuphela ukuthi wayesaphila, kodwa wayesalokhu engumprofethi. Haleluya!

Wathi, "Ungikhohlisile." Kupro- . . .

Wayesethi uSawule, "Samuweli, angazi ukuthi ngizokwenzenjani; ngiya empini kusasa, noMoya usukile kimi." Wathi, "Angikwazi ngisho nokuthola iphupho elivela eNkosini. NeUrimi Thumimi ayikhulumi kimi. Ngisesimweni esibi kabi."

155 Wathi, "Lokhu uphenduka isitha sikaNkulunkulu," wathi, "kungani ungibize ekuphumuleni kwami na?" Niyabo? USamuweli washo lokho. Wathi, "Ungibizeleni ekuphumuleni kwami, lokhu uphenduka isitha kuNkulunkulu na?" Wayeseqhubeka-ke futhi wamtshela. Wathi . . . Kodwa nokho, wayezomtshela iZwi leNkosi. Futhi ngenkathi enza . . . Manje khumbulani, kwase kuyiminyaka emibili afa. Niyabo? Kodwa wathi, "Ngizosho iZwi." Wamtshela iZwi leNkosi. Wathi, "Kusasa uzowela empini, noJonathani indodana yakho uzowa nawe. Futhi," wathi, "ngalesisikhathi kusasa ebusuku uzoba nami." Uma wayelahliwe, wayenjalo nomprofethi uSamuweli. Lokho ukuqava komsuka; niyabona ukuthi kungani kubizwa kanjalo. Niyabo, niyabo? Wathi, "Uzoba nami kusasa ebusuku ngalesisikhathi." Niyabo? Manje-ke uma uSawule alahlwa, wabanjalo noSamuweli, ngoba bobabili wayesendaweni efanayo.

156 Qhabo, qhabo! Oqavile womsuka, wena . . . Oqavile womsuka obizwa kanjalo, njengalelo elibizwa ngeChurch of Christ, nobizwa kanjalo ngomKristu, okubizwa kanjalo ngobuKristu. Namhlanje ngoba ungumMelika ufanele ube ngumKristu, ngoba u—ungumMelika. Niyabo? Lokho—lokho ngokubizwa kanjalo ngobuKristu. Kodwa umKristu wangempela ungowesilisa ozalwa ngokusha ngoMoya nabesifazane abazelwe ngokusha ngoMoya. Lokho ngempela . . . Laba abanye bayalingisa, kodwa amaKristu angempela abizwa nguNkulunkulu.

**157. Ngicela uchaze umehluko phakathi komoya nomphefumulo.**

157 Awu manje, lowo ungolukhuni. Kodwa into yokuqala oyiyo wena, isidalwa esimthath'emunye, njengoYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele yiziqu ezintathu ziya kuMuntu oyedwa, onguJesu Kristu. Futhi wena ungumphefumulo, umzimba, nomoya. Kodwa kuthatha lokho okuthathu ukwenza wena. Ngokukodwa nje kwakho, awusuwe. Kuthatha okuthathu ukwenza wena.

158 Njengoba ngasho ngoluny'usuku, "Lesi yisandla sami; lona ngumunwe wami; leli yikhala lami; lokhu amehlo ami; kodwa ubani u*mina* na?" Ubani umina okungokwakhe lokhu na? Yilokho okungaphakathi kimi; lobo ngubu—buhlakani.

Uma leli angamehlo, uma lesi izandla, uma lomzimba ume lapha njengoba unjalo nje namhlanje, nokho bengi—nginga . . . Umzimba wami ubungaba lapha, kodwa *mina* ngibe sengishonile, engiyikho. Ini—noma ngabe ngingubani ngaphakathi kimi sengishonile. Leyo—leyo yingxenye—ngxenye engumoya. Umphefumulo yimvelo yalowomoya, ukuthi ngenkathi uMoya oNgcwele ufika phezu kwakho, Awenzi lutho . . . Wena . . . Uguqula noma uphendule umoya wakho ube ngumphefumulo ohlukile. Nalowomphefumulo uyimvelo ehlukile ekulowomoya. Ngakho umphefumulo yimvelo yomoya wakho.

159 Kuqala wawuncishana, nobubi, nenzondo, nenhliziyo embi, nombango; manje usuyathanda, umnene, unomusa, futhi—futhi . . . Niyawubona umehluko na? Yimvelo yakho. Besingabiza, ngikubiza ngalokho. Ngumphefumulo wakho oguquliwe. Umphefumulo omdala wafa, nomphefumulo omusha oyimvelo entsha uzalwe kuwe. Uyabo?

160 Ubuchopho bakho abusibo ubuhlakani bakho; ngumoya wakho okuwe ongubuhlakani bakho. Niyabo? Ubuchopho bakho buyisixheke sento nezicubu kanjalo kanjalo; abunabuhlakani ngokwabo. Uma benzile, khona-ke inqobo nje uma kubekwe lapho, noma ngabe wawufile noma uphila, bebusayolokhu busebenza. Niyabo? Kodwa aku—akusibo ubuchopho bakho; ngumoya wakho ongaphakathi kuwe. Nomphefumulo wakho uyimvelo yalowomoya. Lowo ngumphefumulo womoya olawula—umoya olawula umzimba. Niyabo? Nakho lapho okhona.

Manje, ngifanele ngijahe, ngoba sithi nje ukushiywa yisikhathi kancanyana. Manje, ngicabanga ukuthi—ngethemba ukuthi lokho kunakekela lokho.

**158. Mfowethu Branham, ngicela uchaze—ngicela ucacise uma abesifazane befanele bafakaze noma bakhulume ngezilimi embuthanweni webandla.**

161 Awu, ngikholwa ukuthi uma owesifazane engu—ngumshumayeli embuthanweni webandla, akafanele ukuba ngumshumayeli. Kodwa uma enesiphiwo sezilimi futhi ekhuluma embuthanweni webandla, lapho okukhona—okukhona abaprofethi ne—neziphiwo zibuthene ndawonye, ngikholwa ukuthi unelungelo lokwenza lokho. Ngoba eBhayibhelini sithola ukuthi babenabaprofethikazi njengoMiriyamu nabo, futhi babenga—babengenamandla esikhundla . . . Uma ngifika kwintshumayelwana yami encane lapha, ngi—ngizokuthola lokho phakathi lapho. Niyabo?

162 Kodwa abesifazane, uma bephiwe . . . Manje, indlela eqondile engikholwa ukuthi uma sibuthana ndawonye khona masinya . . . Uma ibandla lethu selithe ukuzinza kakhudlwanyana . . . Futhi—futhi empeleni, kuneqembu elisha, elisha—elinye ibandla lizohlangana bese . . . ? . . . lize nalelibandla masinyane nje uma sithola indlwana lapha yabo nezinto. Elinye ibandla lizoza futhi lihlangane nalelibandla, hhayi inhlangano, nje lize njengomzimba, ngeqembu, ebandleni. Futhi—futhi bangabantu abayisigejane esiphiweyo.

163 Futhi manje, uma libuthana, izinto ezizokwenziwa, yilababantu abaphiweyo bafanele bahlangane ndawonye ngezikhathi ezithize bebodwa, bese bebona ukuthi umoya uthini kubo. Khona-ke sekunganikezwa emsamo. Nabantu . . . Kungokokwakha ibandla.

164 Manje, uma ukhuluma ngezilimi, futhi uyazi, engekho okuhumushayo . . . Bese kuthi-ke uma usemihlanganweni, ngezinye izikhathi kungokungahlonipheki kakhulu, uyazi. Uthola ukuthi ngezinye izikhathi . . . Ngike ngama ebandleni lami ngibizela ealtare, nomunye uzosukuma bese ephula ukubizela ealtare ekhuluma ngezilimi. Manje niyabo, manje umuntu angahle ukuba ubekhuluma ngezilimi ngokufanele; lokho kungahle ukuba bekunguMoya oNgcwele, kodwa niyabo, ngaphandle kokufundiswa ukwazi ukuthi kufanele kwenziweni, ukuthi kubanjwa kanjani lokho . . .

165 Ngihlale emsamo ngqo futhi ngizwe umshumayeli eshumayela futhi ngimbone efinyelela endawaneni . . . He, ngangifuna ukusukuma futhi ngimsize kabi kabi angazanga ukuthi ngifanele ngenzenjani. Futhi nenze into efanayo; sonke siyakwenza lokho. Kodwa kuyini na? Lokho kungukungahloniphi. Hlala phansi. Yazisa umfowethu.

166 Ngezwa—ngezwa uMfowethu Neville eshumayela, futhi ungizwile ngishumayela uma sizokwenza, akungabazeki, sizo . . . Mfowethu J. T. lapha nabo bonke, noma—nabo bonke, singezwana sishumayela, siyacabanga, "O mfowethu, ngikholwa ukuthi ngizosukuma ukuba ngimsize aphume." Niyabo? Uzwa uMoya nje uthululeka phezu kwakho, kodwa wenzani na? Thula. Uyabo? Isizathu umoya wabaprofethi uthobela umprofethi. Niyabo? Kunjalo, thula. Uyabo? Yenza lokho.

167 Kodwa ngikholwa ukuthi uma owesifazane . . . Umbuzo ubuthi uma owesifazane enesiphiwo sezilimi futhi efuna ukukhuluma, ngikholwa ukuthi uma lesosikhathi sifika, unelungelo lokukhuluma kuzwakale ngesiphiwo sezilimi, kodwa hhayi ukuba ashumayele noma abuse phezu kwendoda. Uma engumshumayeli, kusobala uphezu kwendoda.

**159. Mfowethu Branham, ngashada nowesifazane owayeshadile ngaphambili. Sehlukanisa, futhi useshade kabili kusukela lapho. IBhayibheli liyasho ukuthi uma sifisa ukushada—**

**uma sifisa ukushada, ukuba siphendukele e. . . umfazi wokuqala. Manje, ngingaphendukela kuye oke washada ngaphambili noma ngingaba ngokhululekileyo na?**

168 Awu manje, mfowethu, nansi indlela kuphela ongakwenza ngayo. Manje, lena yindaba enkulu, futhi ngolunye usuku ngi—ngiyafuna uma—uma ibandla like laze lahleleka futhi laqondiswa endaweni lapho elifanele libe khona noma . . . Ngi—ngikusho lokhu ngenhlonipho, ngi . . . Kuneminxa emibili yalomshado nesahlukaniso emabandleni, omunye ubamba umunxa owodwa nomunye omunye. Futhi ngokubona kwami, nomusa enhliziyweni yami phambi kukaNkulunkulu neBhayibheli laKhe, bobabili banephutha. Niyabo? Kodwa kuneqiniso elilele lapho.

169 Uma niqaphela ukuthi uJesu wathini . . . Manje lapha, nginomfowethu, umfowethu wegazi, olungiselela ukushada nowesifazane. Nomfowethu useke washadelwa ngaphambili futhi unomntwana ngowesifazane olungileyo. Futhi uza kimi ukuba ngimshadise. Ngathi, "Lutho nhlobo!"

170 UJesu wathi kuMathewu 5, "Olahla umkakhe, aganwe ngomunye, kungengakuhlobonga (akwenza ngaphambi kokuba ashade futhi akangamtshela ngakho), umenza aphinge: oganwa ngolahliwe uyaphinga." Ngakho ungakwenzi lokho. Qhabo, ungeke wabuyela kowakho—kumfazi wakho wokuqala uma esephinde wagana. Kodwa uma u—wehlukanisa nawe futhi wakulahla . . .

171 Futhi wathi, "Ngikhululekile?" Ake ngikufunde futhi. "Ngashada nowesifazane owayengakaze agane ngaphambili. Sehlukanisa, futhi useshade kabili (ngibona ukuthi lomuntu usehlale eyimpohlo.) IBhayibheli liyasho ukuthi uma sifisa ukuganwa ukuba siphendukele e . . . kuqala futhi."

172 Qhabo, mnumzane! Yiya ngale emithethweni kaLevitikusi. Buyela kulowo wesifazane, uyimpahla yomuny'umuntu. Wena ungcolise futhi wazenza waba mubi kakhulu kunanininini. Qhabo, awufanele umbuyise umfazi oseshade nomuny'umuntu.

173 Manje, "Ngingaphendukela kuye oseke washada ngaphambili noma ngifanele ngi—noma ngifanele ngikhululeke na?" Ukhululekile! Hlala ukhululekile! Ya, awubuyeli emuva futhi. Qhabo, mnumzane! Useshade nomunye umuntu; suka kuye. Kunjalo! Unga . . . Lokho kungcolisa . . . ? . . . Uyaqonda. Ukuba besinesinye isikhathi esiningana, ngingengene kulokho, kodwa okombuzo wakho nje, mfowethu, noma ngabe ungubani: Qhabo, mnumzane! Ungabuyeli emuva futhi uthathe lowo wesifazane uma eseshade kabili noma kathathu kusukela eshade nawe. Lokho akulungile.

174 Ngashadisa izithandani lapha kungekudala ezazikade zishadile ngaphambili, zase zehlukanisa futhi zasuka zahamba, ne—izithandani ezindala. Awu, kwakunguMfowethu

noDadewethu Puckett; kwakuyilowo impela. Babengezwani nje futhi babenokufelana amathe phakathi kwabo; behlukanisa. Owesifazane waphila ngokwethembeka impela nje futhi eyimpohlo ngakho konke ayengakwenza, nowesilisa waphila indlela efanayo. Futhi emva kwesikhashana, babona ukuthi babenza ubuthutha kanjani, base bebuya futhi babefuna ukushadiswa. Ngathi, "Impela!" Niyabo? "Lokho kulungile, yilokho enifanele nibe yikho." Ngakho ba . . . Awu, babeshadisiwe sonke isikhathi. Babengakaze behlukanise; ukubanika amaphepha nje ukuba bahlale ndawonye njengendoda nomfazi; yilokho kuphela, ngoba babeshadisiwe ekuqaleni.

**160. Zisho ukuthini izinhlamvu zamagama ezintathu esiphambanweni sesithombe sikaKristu samaKatolika na?** (Ake sibone.) **Zisho ukuthini izinhlamvu zamagama ezintathu esiphambanweni sesithombe sikaKristu samaKatolika na?**

175 Awu, ngicabanga ukuthi zonke iziphambano zezithombe zikaKristu ziyafana, uma nginga . . . Kungangcono ngikubhekisise lokho. Kodwa kuno I-R-N-I okusho ukuthi "uJesu waseNazaretha, iNkosi yabaJuda." Niyabo? Uma lokho kuyilokho, angazi ukuthi babenokunye okukhethekileyo noma okuthize noma okunye. Kodwa lezozinhlamvu zamagama kusho ukuthi "uJesu waseNazaretha, iNkosi yabaJuda." I-R-N-I, yilokho okusesiphambanweni sesithombe sikaKristu. Kulungile.

**161. Kungaba yiphutha yini ukusebenzisa okweshumi esikhwameni sokwakha isonto na?**

176 Awu manje, nansi—nansi into ethintanayo encane yebandla manje. Qhabo, okweshumi ngokufanele kufanele kuye kumfundisi. Kunjalo! EBhayibhelini babenebhokisi ababelibeka emnyango eTestamenteni eLidala ngenkathi i—isakhiwo. Lelibhokisi lalingelesikhwama lapho abantu babefaka phakathi lapho okokuvuselela . . . Nikufundile izikhathi eziningi eTestamenteni eLidala. Babegcina izakhiwo nezinto kanjalo . . . Konke ukuvuselela esakhiweni kwakunakekelwa kulesosikhwama. Kodwa okweshumi eshumini kwalokho kwakuya—okweshumi eshumini kokweshumi—konke okweshumi kwakuya kubapristi babo, abelusi babo. Yebo, okweshumi akufanele kuye kunoma yiyiphi enye into.

177 Ngiyazi abantu bathatha okweshumi kwabo futhi bakunike umfelokazi. Lokho yiphutha. Uma unokuthile ukukunika umfelokazi, mnike, kodwa ungamniki imali kaNkulunkulu. Leyo akusiyo eyakho endaweni yokuqala. Leyo ekaNkulunkulu!

178 Uma ungithumele ezansi nedolobha ukuyothenga ulofu wesinkwa, bese unginika uthubhobho nozuka ukuba ngithenge ulofu wesinkwa, ngase ngihlangana nomuny'umuntu

emgwaqeni ewufuna . . . enye into, bese ngimnika uthubhobho nozuka, niyabo, ngibanika imali yakho. Uma bengicele into ethize, abayithole ngapha kuleliphakethe futhi ngibanike imali yami; kodwa lena yimali yakho. Nokweshumi eshumini ngokweNkosi. NoLevi, umpristi, wayephila ngokweshumi eshumini.

179 Okweshumi eshumini kufanele kube ngokweshumi okufanele kulethwe kufakwe enqolobaneni nesithembiso sikaNkulunkulu ukukubusisa. Nesifakaziso, Wathi, "Uma ungakukholwa, wozani futhi niNgivivinye futhi nibone ukuthi angeke Ngikwenze yini." Niyabo? Kunjalo!

180 Okweshumi kuya ebandleni komelusi nokunye kanjalo ukuba aphile ngakho. Kwase kuthi-ke i—i—isikhwama sesakhiwo nezinto ezinjalo yisikhwama esehlukene phaqa. Manje, lokho—lokho kungokomBhalo.

181 Ngesinye isikhathi ngenkathi siqala, ngifuna ukuthatha ubusuku . . . Ngihambe lapha esikhathini esithize esedlule ngaphambi kokuba ngisuke etabernakele futhi kuthathe cishe amaviki amabili noma amathathu futhi nje ezindabeni ezinjalo futhi ngahamba ngaze ngayothi ngqi ngedlula kukho futhi ngakhombisa ukuthi okweshumi kwakuyini ebandleni.

**162. Mfowethu Branham, ngabe ikhona yini into eyiphutha ngokuba ngowedlangala emva kokuba sesibe ngumKristu, njengeMasons nje na?**

182 Qhabo, mnumzane! Yiba ngumKristu noma ngabe ukuphi. Angikhathali ukuthi ukuphi, ungabe usalokhu unguye umKristu.

**163. Ubona ukuthi yiyiphi indlela edlula zonke yokuthola iNkosi . . . U—ubona ukuthi yiyiphi indlela edlula zonke yokuthola intando yeNkosi kwezinye izindaba ezisemqoka na?**

Manje, ake . . . angikholwa ukuthi ngi . . . Ake ngibone ukuthi ngingakuthola yini ukuqhubeka kukho. "Ubona ukuthi yiyiphi indlela engcono kunazo zonke (ngiyabona kufanele kube yikhoma lapho, ngiyethemba) . . . Ubona ukuthi yiyiphi indlela yokuthola intando yeNkosi kwezinye izindaba ezisemqoka na?"

183 Ngiyakutshela, mngane othandekayo, indlela edlula zonke ukuthola intando kaNkulunkulu kwezinye izindaba ezisemqoka ngumkhuleko. Niyabo?

184 Manje, ake ngi . . . Nansi into encane eyisimangaliso lapha. Uma u—uma—uma unendaba esemqoka kakhulu . . . Manje, nansi indlela engikwenza ngayo. Ngikuthatha phambi kweNkosi. Futhi bekuhlala njalo kungamandla ami; ngilindela iNkosi bese ngibona ukuthi Ithini. Futhi ngivele nje ngizidedele mina ngibe phakathi nendawo kukho, ngingathathi macala, futhi ngithi, "Manje, Baba wasezulwini, ku—kunga . . . "

185 Kusobala manje, odabeni lwami isikhathi esiningi kakhulu, uma kusemqoka kakhulu, ngilindela umbono. Kodwa abantu abaningi, uNkulunkulu akaphathelani nakho emibonweni. Ngakho ngakho-ke, ngeke nganeluleka ukuba nenze lokho. Niyabo? Ngoba nje ngabanye abantu onemibono nabanye wenza enye into. Lapho owenza khona enye into ebengingeke ngayenza, mhlawumbe—ngendlela yakho yokukhonza iNkosi—ngenza into ethize obungeke uyenze. Niyabo? UNkulunkulu uphathelene nathi ngokwehlukile.

186 Futhi ngakho bengingakwenza ukuba bengisendaweni yakho futhi ngingenayo imibono evela phambi kweNkosi, bengingavele nje ngilindele eNkosini bese ngithi, “Nkosi, manje Wena ngikhombise ukuthi yisiphi isinqumo ukuba senziwe.” Futhi manje-ke, indlela ozizwa uholeleka ekukwenzeni, manje-ke ngilinda kancanyana nje, bese ngilinda isikhashana esidana, bese ngibona ukuthi yiyiphi indlela, yiliphi icala oncika ngakulo, yiyiphi indlela uMoya . . . Uthi, “Manje, Baba, enhliziyweni yami Uyazi ukuthi akunandaba; kodwa ngi—ngifuna ukwazi ukuthi Ufuna ukwenzani ngakho.”

187 Yileyondlela engenza ngayo ngemihlangano ngesinye isikhathi. Ngizwa kuthi nje noma ngiholeleka ukuba ngihambe ngalendlela noma ngaleyondlela, khona-ke ngizolandela leyondlela. Yileyondlela yokukwenza, ngoba kusemkhulekweni-ke; wenza konke okusemandleni ongakwenza.

188 Futhi ngikholwa lokhu, bangani bami, njengoba uPawulu wayese—eTestamenteni eLisha ezinsukwini ezedlulayo. Wayephakathi kwezinsungubezi izikhala ezimbili, ukuthi ufanele aye ngakuyiphi indlela. Futhi waqala emgwaqeni ongesiwo, wayesethola ukubizelwa eMakedoniya. Futhi ngikholwa ukuthi uma wenzela uNkulunkulu isinqumo futhi usenze ngawo onke amandla akho ongasenza ngawo, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyokuqondisa futhi unga—abone ukuthi awuphambuki yini. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyokwenza.

**164.** Ake sibone. **Mfowethu Branham, kwenzekani kubantu aba—abathathwa ngokuthi bayintombi elele uma sebehlulelwa ekwahlulelweni na?**

189 Awu, intombi elele iyosindiswa kusobala. Iyosindiswa ekwahlulelweni. Ayisoze yaba nguMlobokazi, kodwa uyiqembu labantu abasindisiwe eliyongena ekwahlulelweni, elingeke labandakanywa noMlobokazi. Kodwa inqobo nje uma beyizintombi, baphambi kukaNkulunkulu. Niyabo? Bazosindiswa. Wehlukanisa . . . Bayoba yizimvu ngakwesokunene saKhe. Nabangasindisiwe bayoba yizimbuzi ngakwesokunxele saKhe ekwaHlulelweni kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe.

Bengingachitha inqwaba yesikhathi ngalokho, kodwa ngi—kuthi ukuba leyithi kancane.

**165. Kunokwenzeka yini ukuba umuntu ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele ukuba aqhutshwe yi—aqhutshwe yi—ukwenza izinto ezincane. . . athonywe ukuba enze okuncane—izinto ezincane angafuni ukuyenza na?**

190 O, yebo! Yebo, mnumzane! Ya, umuntu ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele. . . Uqinisile endaweni kunokuba u—ukuba uqhutshwe yilezizinto. Uzimisela wena nje isikhungo sokuhlaselwa. Uma usezansi lapho ukhonza udeveli, ukudedela nje uhambe uhwathuzela noma ngayiphi indlela ofuna ukuhwathuzela ngayo. Kodwa ake uthathe isinqumo ngoKristu, usuwelele ngakwelinye icala-ke, uqeqesha sonke isibhamu esikuzungezile ngqo. Sonke isilingo, yonke into ebingaphoswa kuwe, khona-ke unakho. Kodwa unani na? "Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni." Niyabo?

191 Manje, wawungekho empini lapha, nje wawehla. Niyabo? Kodwa manje, usu—usuhlanziwe; usugqokisiwe; usushefile; usukame izinwele zakho; usugqoke inyumfomu; unesibhamu esandleni sakho. "Asihambe!" Niyabo? Usempini, hhayi ukubukisa, kodwa ukulwa, ukulwa! Impela uma kuvuka izilingo, noMoya, isihlangu sokukholwa, bopha ngekhongco, bese uyaqhubeka. Niyabo? Kunjalo. O, hloma zonke izikhali zikaNkulunkulu. Uhlomelani ngezikhali uma ungezukulwa na? Onke amasosha agqokiselwa ukulwa, hhayi ukubukwa, uphume bese uthi, "Ngingu*S'bani-bani*. Manje, ngingumKristu. Niyangibona ukuthi ngingubani. Ngingoka*s'bani-bani*. Haleluya! Ngathola uMoya oNgcwele ngobunye ubusuku. Impela, akusekho okungikhathazayo." Hhe-e! O, mfowethu, ngi—ngikholwa ukuthi ufanele ubuyele emuva bese uzama futhi. Niyabo?

192 O, ngiyakutshela, ngenkathi masinya nje uthi unoMoya oNgcwele; uSathane usezibhekise kuwe ngqo zonke izibhamu, ekudubula. Khona-ke uhlome ngazo zonke izikhali, bese-ke uthatha isihlangu sokukholwa, inkemba kaMoya noma iZwi, futhi uthathe i—ikhongco u—gqoke izichathulo zakho ngeVangeli, bese uthatha uphisi omdala ophakathi nendawo lapha, isivikelo sesifuba, bese wenyusa ibhande lasezintunjini kuso, bese uzibopha ngqi kancanyana, bese uyayilungela, ngoba iyeza. Ungakhathazeki. Yebo, mnumzane! Uzoba nenqwaba yenkathazo. Kodwa khumbula, "Mkhulu Lowo okini, kunalowo osezweni."

**166. Wayechaza ukuthini uJesu kuMathewu oNgcwele 16:9 nele 10 na? Zimele ini iziqabetho eziyishumi nambili neziqabetho eziyisikhombisa na? Umbuzo wangeSonto ekuseni.**

193 Ake sibone—ake sibone, uMathewu 16:10. Anginasiqiniseko kakhulu nje manje. Ake ngifinyele lapho okukhona, uMathewu 16:9 nele 10—16:9 nele 10. Nakhu lapho esikhona.

> *Ani...qondi yini, futhi anizikhumbuli izinkwa eziyisihlanu* noma *izinkulungwane eziyisihlanu, nokuthi* na*butha iziqabetho ezingaki na?*
>
> *Nezinkwa eziyisikhombisa* noma *izinkulungwane ezine, nokuthi* nabutha *amaqoma amangaki na?*

Manje bhekisisani. Ake sithi nje sithathe nje kancanyana ngaphambi kwalokhu.

> Futhi *uJesu wathi kubo, Anobheka* ukuthi ni*xwaye imvubelo yabaFarisi neyabaSadusi.*
>
> *Baphendulana bodwa, bathi,* Ngabe *kungokuba singaphathanga izinkwa.*
>
> UJesu...(Manje bhekisisani!)...*Kwathi ekwazi lokho uJesu,*...(Wayibamba imicabango yabo, niyabo.)...*wathi kubo, O nina bokukholwa okuncane, yini ukuba niphendulane* nodwa*, ngokuthi kungokuba* ni*ngenazinkwa na?*
>
> A*ni...qondi, futhi* a*nizikhumbuli izinkwa eziyisihlanu* ne*zinkulungwane ezinhlanu,* noma na*butha iziqabetho ezingaki na?*

194 Ngamany'amazwi njengalokhu: "Uma nibone uNkulunkulu ehlinzeka futhi enza isimangaliso, manje-ke Angesenze isimangaliso futhi na?" Uyabo? Niyabo, uma...Ngamany'amazwi, njengalokhu: Uma Akusindisa empilweni yesono, Angewuphilise yini umzimba wakho na? Awusakhumbuli useyisoni ukuthi Wawuphakamisa kanjani umphefumulo wakho ekukholweni ukukholwa na? Angeke yini kanjalo akwenzela into enkulu futhi na? Ange—Angekwenzele yini isimangaliso noma enye into na? Iziqabetho ezinhlanu... Wathi, "Khumbulani..."

195 Njenge...Ngenkathi bewela uLwandle oluBomvu, uNkulunkulu wavula indlela kanjalo futhi wenza uLwandle oluBomvu lwavuleka kanjalo, wayesehamba edabula, ufika ngqo ngakwelinye icala, futhi wathi nje akangabi nawo amanzi; baqala ukukhonona. Kunjalo na? Kwathi nje abangabi naso isinkwa baqala ukumemeza, "Asinasinkwa." Niyabo?

Bathi, "Anisinakanga yini isibonakaliso emuva lapho oLwandle oluBomvu na? Anehlanga yini, ngenkathi nonke nifika endawaneni ngasoLwandle oluBomvu na?"

"O," bathi, "Engabe safa. Nakhu kufika abaseGibhithe bakithi ngqo manje. Nakhu; sizokwenzenjani na?"

196 Wathi, "Ubani owashaya umhlaba ngezinhlupheko ezansi lapho na? Ubani owagcina ilanga likhanya eGosheni

na?" Niyabo? Sifanele sizikhumbule lezozinto, khumbulani uNkulunkulu unguNkulunkulu! Haleluya! Noma yikuphi kwakho, Uselokhu enguNkulunkulu. Ngempela Angenza noma yini.

**167. Ungasiza uchaze u "Mzimba kaKristu" kwabaseKorinte bokuQala 12:27 no "Mlobokazi kaKristu" eSambulweni 2:9—9. Ngabe iJerusalema elisha lingelikamoya lapha e—likamoya lapha eSambulweni na? Li—li—li ngabe lokhu ngukubona okufihlakele kukamoya kweBandla na?**

197 Qhabo! Manje, ake sibone ukuthi ngiyakuthola lokhu kuqala manje, kwabaseKorinte bokuQala, masinya impela, kwabaseKorinte bokuQala isahluko 12, kulungile, nevesi 27.

> Futhi *nina ningumzimba kaKristu, nezitho ngabanye.*

198 Bese kuthi-ke, ubukuphi umBhalo olandelayo na? ISambulo 2—21:9, iSambulo esahlukweni 21 nevesi 9. Kulungile, futhi nakhu lapho esikhona.

> *Kwase kufika—kwase kufika kimi enye yezingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa ezigcwele izinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, yakhuluma nami, yathi, Woza lapha,* futhi ngi*zo*ku*khombisa u—u—ngizo*ku*khombisa umlobokazi, umkaWundlu.*

199 Yebo, uMzimba kaKristu. Niyabo, umzimba kaKristu wahleshulwa ngenxa yezono zethu futhi ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe sibe seMzimbeni futhi sibe amalunga. Futhi kukuphi lapho okwa—kukuphi lapho u—umzimba... Kukuphi lapho umkami, ngikhuluma ngokwesifanekiso... Wavelaphi uEva na? Umzimba ka-Adamu. Wakhishwa ohlangothini lwakhe. UEva wakhishwa ohlangothini luka-Adamu. UKristu... Futhi wayeyingxenye yomzimba wakhe. Wathi, "Uyinyama yenyama yami nethambo lamathambo ami. Futhi ngizombiza ngokuthi indodakazi." Niyabo?

200 Manje, noMzimba kaKristu wakhishwa emzimbeni kaJesu, ngokuba singumoya nenyama nethambo laKhe. Niyabo? Ngoba sizalwa eMzimbeni waKhe. Futhi ngoba lomzimba lapha ungowaKhe, nokho uzalelwa esonweni, Uwuhlengile. UNkulunkulu uyowuvusa ngemihla yokuphela, futhi ngiyophila kuwo phakade. Niyabo? Yilokho-ke. Kulungile.

201 Manje, ake sibone, umbuzo wokugcina lapha ubuthi: "Ngabe iJerusalema elisha ngelikamoya na?" Qhabo, qhabo, iJerusalema elisha uJohane alibonayo livela kuNkulunkulu liphuma eZulwini; alisikho ukubona okufihlakeleyo kweBandla manje. Niyabo? Ku—kuyi—i... IJerusalema elisha uJohane alibona lehla livela eZulwini lilungisiwe njengo—iSambulo 21 (niyabo?)—lilungisiwe njengoMlobokazi ehlotshiselwe uMyeni waKhe...

Umbuzo wokugcina manje; ngicabanga ukuthi yilokho kuphela kuyo.

**168. IBhayibheli lithi konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda iNkosi. Manje-ke uma uthanda uNkulunkulu bese ubuyela ezweni, uNkulunkulu angakuyekela yini ufele esonweni noma Angakuyekela ukuba ubuye ubuyiselwe kuYe ngaphambi kokuba Akuthathe na?**

202 Inenekazi lisayine igama lalo kuwo, ngakho ngizothi bekuyi—yinenekazi (niyabo?), ngoba lisayine igama lalo. Yebo, Dadewethu. Uma uzalwa . . . Manje, ake ngikuthole lokhu. Niyabo, ngokwesikhashana, okuncane, sonke siyahlubuka kaningi ngosuku. Siyakwazi lokho. Sonke sinecala, sonke; akukho namunye wethu ophelelisiwe. Futhi inqobo nje uma sisekulomzimba, siselokhu . . . Akunandaba ukuthi abantu bazama kangakanani ukusho, "Ngingcwelisiwe; ngingamqabula lo wesifazane noma ngenze lokho." Uqamba amanga; angeke akwenza. Manje, yilokho kuphela.

203 Angizami ukuba ngithi, "Nkosi, ake ngibone ukuthi ngingahamba ngisondele kangakanani." Kungukuthi, "Nkosi, ngiqhelise kude le ngengingaqhela ngakho." Niyabo? Deda nje kude le njenge . . . Khumbula, usalokhu uyisidalwa esingumuntu. Niyabo?

204 Futhi . . . Kodwa manje, uma wenza iphutha futhi wenze into engalungile . . . Awukwenzi ngamabomu . . . Uma ungumKristu, uma ungumKristu ozelwe ngokusha, usuke ungaqondile ukwenza okungalungile. Izinhloso zakho nayo yonke into kukahle. Kodwa uma wenza, njengoba eshilo lapha, wenze iphutha futhi wenze okungalungile, ngabe uNkulunkulu uyokuyeka nje uqhubeke futhi uqhubeke bese ufa kanjalo futhi ulahlwe, noma Uyokubuyisela ekubuyisaneni na? Uyokubuyisa. Kunjalo! Uyokubuyisa.

205 Futhi uma i—bese kuthi-ke, uma wenza noma yini engalungile, ingakulahli futhi uqhubeke kanjalo, uqhubeke uphume, khumbula, awusindiswanga ekuqaleni. Kunjalo. A—awuzange—awusindiswanga; wawunokuzenzisa kokukholwa nje; wawungasindisiwe. Kodwa uma usindisiwe, unomoya ohlukile; uyimvelo ehlukile. Uyisidalwa esisha kuKristu, nezinto ezindala seyedlule, futhi zifile futhi zimbelwe olwandle lokukhohlwa. Niyabo?

206 Futhi . . . Kodwa ngokuthi uphila lapha kulelizwe lapha, kunonoxhaka ababekelwe wena ndawo zonke, futhi uhamba namehlo akho ekuKristu. Futhi khumbulani, ukuthi uma wenza iphutha, umKristu wangempela uzohlala njalo ebuya masinya ukuba abuyiselwe.

207 Buka, emkhunjini uNkulunkulu wadedela igwababa elidala laphuma—noma uNowa wadedela igwababa laphuma.

Manje, wayeyini na? Wayengugwababa. O, yebo, wahlala othini olufanayo lapho nejuba. Zombili zahlala othini olufanayo; kodwa ngenkathi ededela igwababa elidala liphume, awu, elidala...Sengathi ngiyabona onke amanzi ayenuka enezigidi zemizimba yabantu esikhukhumele ibola ingaphezu kwamanzi, namahhashi nezilwane konke kufile. Lonke izwe labhujiswa. Futhi babelapho, lesi izidumbu ezindala zintanta phezu kwamanzi nezinto ezinjalo. NoNowa wadedela ijuba laphuma, ngoba wayeqagela ukuthi wabona ukukhanya kwelanga. Futhi wayefuna ukwazi ukuthi ngabe amanzi ayesehlehlile noma qha, ngakho wadedela i—i—igwababa laphuma. Negwababa elidala landiza lehlela emzimbeni omdala ofile, "He, kuhle nje; lokho kuhle!" Niyabo, lidla umzimba ofile. Ngani na? Leyo kwakuyimvelo yakhe. Wayeyigwababa. Akunandaba ukuthi wayehlale kangakanani nejuba, ukuthi wayemuzwe kangakanani uNowa eshumayela, ukuthi wayehlale kangakanani nalenyoni ehlanzekile, wayeyigwababa kwasekuqaleni. Kwathi nje angathola ithuba lokukhombisa ubunjalo bakhe, wabukhombisa.

208 Manje, kodwa ngenkathi ededela ijuba liphume, ngenkathi liqala ukuphuma, whwewu, lalingenakukumela lokho. Akukhondawo lapho elalingaya khona; alitholanga kuphumula kwamathe ezinyawo zalo, ngakho liyabuyela emkhunjini. Futhi kungaleyondlela.

209 Ngezinye izikhathi ungahle udedelwe isikhashana esincane ukubona ukuthi ungenzani, kodwa uyohlala njalo uma unemvelo yejuba, ungeke wadla ukudla kwegwababa. Yilokho kuphela, ngeke nje kwagayeka; yilokho kuphela.

210 Ubungayaphi, ubungenzani na? Ngitshele ukuthi ubungenzani ukuba ubu—ukuba ubungesuye umKristu! Ngitshele ukuthi bengiyokwenzenjani kulokhu ukusa ukuba bengingesuye umKristu! Bengingenzenjani kulokhu ukusa nomama wami elele phandle lapho esibhedlela ekulesosimo futhi equlekile njengoba enjalo futhi elele lapho, nasenhliziyweni yami ngikwazi ukuthi ngime lapha epulpiti futhi ngishumayele, futhi ngiqhubeke ngendlela engenza ngayo, kubonakala sengathi angikunaki kakhulu kangako na? Ngoba ngiyazi umama usindisiwe. Niyabo? Ngiyazi usindisiwe. Ngiyamazi engikholwe nguYe; ngiyethemba ukuthi Unamandla okulonda lokho engikubekile kuYe kuze kube wusuku.

211 Ubengenzani uMama manje na? Manje, mhlawumbe ngabe ubenezinhloso ezinhle yonke impilo yakhe, ukuthi "Ngoluny'usuku ngiyoba ngumKristu." Kodwa ubengaba kanjani manje nxa elele lapho equlekile na? Ubengaba kanjani ngumKristu manje na? Bebengenzenjani abantwana bakhe na?

212 Ngoluny'usuku ngenkathi simbeka—simkhiphele lapho ukumnika ushukela iglukhosi phandle lapho...Yileyonto

kuphela anayo emzimbeni wakhe ngushukela iglukhosi. Akakwazi ukugwinya; ufe uhlangothi. Wayesethi, "Lento eyodwa engifuna uyazi, Billy," Wakhuluma ngami noDelores simi lapho, nangamayelana nabantwana bakhe nezinto, nabafowethu engathi babili bephuza.

Ngase ngithi, "Awu, bakwephule inhliziyo yakho."

Wathi owesilisa—wathi owesifazane, "Kodwa Billy, lokho konke kuya esondweni likamama." Wathi, "Kodwa ngisindisiwe." Wayesethi, "Sengilungele ukumuka."

213 Ngathi, "Mama, ungahle ukuba usishiyele ikhaya elisuka le eJeffersonville liye eUtica, indlu yobukhosi; ungahle ukuba usishiyele amadola ayizigidi eziyishumi ukuqophisana nokulwa ngayo emva kokuba usungasekho (yilokho kuphela obekungenzeka kukho); kodwa Mama, usishiyela igugu elikhulu kunawo onke umuntu abengalishiya, i—isiqiniseko sokuthi siyokubona futhi kulelozwe ngapesheya komfula." Kunjalo! Niyabo?

214 Usindisiwe, futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi uKristu usindisa okwethu. . .Kodwa singahlubuka; singenza okungalungile; sonke sinempumelelo nokungaphumeleli; kodwa emphefumulweni wakho uthi nje masinya ungenza noma yini, awu, kukhona okungahambi kahle kuwe; uyazi ukuthi yikho. Manje, khona lapho yisikhathi sokugxuma. Leso yisikhathi, sokugxuma. Suka kukho.

215 Manje, ake ngithi uyaphuma namhlanje, futhi—futhi omunye akhuphukele kuwe bese ethi, "Heyi, bangitshela ukuthi wena ungomunye walabo bagingqiki abangcwele."

Khona masinya, uSathane uthi, "Mshaye ngempama umlahle phansi!" Uyabo?

216 "Angazi ngokuba ngumgqingqiki ongcwele; ngingumKristu!" Niyabo? Futhi njalo nobubi, hlangabezana nobubi ngokuhle. Futhi khumbula, manje thatha lokhu nje, khumbula lokhu, uma uhlangabezana nobubi ngokuhle, ububi ngeke bama ebukhoneni bokuhle. Ngeke bakwenza.

217 Manje, ngiyisithunywa senkolo, futhi ngijikeleze umhlaba, kuzo zonke izinhlobo zobubi, nazo zonke izinhlobo zabakhonza imimoya yabangasekho, izimfundiso ezigqamileyo, nazo zonke izinhlobo zokukhonza udeveli, futhi, o, yonke into obekungacatshangwa ngayo, lapho okukhona khona yonke into, futhi bengithola njalo ukuthi okulungileyo njalo kunqoba okungalungile.

218 Lalelani, angikhathali ukuthi ubumnyama bumnyama kanjani; kungahle kube mnyama kakhulu uze ukuzwe; ungahle uphakamise izandla wena kanje futhi ungaboni-thunzi lomfanekiso. Okuncinyane kokukhanya okuncane okuncanyana kuyobudalula lobo bumnyama. Impela, yileyondlela ukuphila

okwenza ngayo ebukhoneni bokufa. Yileyondlela okulungile okwenza ngayo ebukhoneni bokungalungile. Yileyondlela ukukholwa okwenza ngayo ebukhoneni bokungabaza, kuyakuhlakaza.

219 Ubumnyama bungahlala kanjani lapha libe ilanga likhanya izibusiso zalo ngale na? Ubumnyama buya kuphi na? Abusekho. Kwenzekeni ebumnyameni na? Buphi lobo bumnyama kulelitabernakele cishe emahoreni ayishumi nambili edlule na? Buphi lobo bumnyama obebushubile ngaphakathi kwalezizindonga lapha na? Abusekho. Bunyamalele. Ngani na? Kungene ukukhanya. Futhi ngenkathi kungena ukukhanya, ubumnyama budingeke ukuba buhambe. Yebo, mnumzane!

220 Thatha izidalwa ezizulazula ebusuku, amakokoloshe, namabhungane, nezilokazana nezinto. Ake ilanga liphume noma ake kubaneke ukukhanya, bhekisisa ukuthi zibalekela kanjani ebumnyameni. Yileyondlela iVangeli eliyiyo. Uma libaneka, kwenzekani kulabo ofuna ukukubiza ngomgingqiki ongcwele na? Kwenzekani kulabobantu abahlekisa ngawe na? Uma ukuKhanya kubaneka, batshuza baye ebumnyameni bahambe ngokukhulu ukuthula, ngoba ba—bangabantwana bobusuku. Kodwa abantwana bemini bahamba ekuKhanyeni.

221 Futhi manje-ke singabantwana bokuKhanya ngomusa kaNkulunkulu. Ngakho uma iziNkanyiso zibaneka, sibonga uNkulunkulu bese sihamba namehlo ethu evulekile, sibuka izinto obungeke uzibone ngeso lakho lemvelo. Ngokuba ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo. Amen! Ngiyakuthanda lokho.

222 Anginaso isikhathi sentshumayelwana yami encane ebengizokhuluma ngayo, ngoba sizodingeka sikhulekele abagulayo.

223 Bangaki othanda iNkosi na? Amen! Manje, emva kokuba sesibe nalemibuzo, futhi kuneminye yayo ebukhali nakho konke, futhi mhlawumbe iphendulwe . . . Mhlawumbe angizange ngenze ngisho nomsebenzi ofanele kuwo, ngoba angibanga naso isikhathi sokubheka imiBhalo. Bengiyokubhala eshidini lephepha ebenginalo. Ngithemba ukuthi wonke umuntu wenelisekile. Uma ungenelisekile, ngani, ubhale uwubuyisele kimi futhi. Ngibe nesikhathi sokuwutadisha uma ungacabangi ukuthi uphendulwe ngokugcwele.

224 Ngiyakubonga ngokuhlala. Futhi manje, sizobumba umugqa womkhuleko emzuzwaneni nje. Kodwa ngaphambi kokuba senze lokho, ake sishintshe umoya osizungezile manje ezimpendulweni noyedwa ophendula lona, nomunye ekholwa ngalendlela naleyondlela. Niyabo, ekuphenduleni imibuzo, ngezinye izikhathi ungobukhali kancane, ngakho asikhonze iNkosi nje futhi sicule.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje, ngifuna nixhawulane nomunye ongakuwe manje uma sicula futhi.

Ng'yaMthanda, ngi'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje, asiphakamise izandla zethu nje kuYe kanje.

Ng'ya (Sivale amehlo ethu.) thanda . . .
ng'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

225 Baba wethu waseZulwini, siyaKuthanda, Nkosi. Futhi ngikholwa ukuthi leliqembu elincane liyaKuthanda. Sehlela endlini kaNkulunkulu oPhilayo, isakhiwo esincane, hhayi isakhiwo, kodwa uNkulunkulu ophilayo esakhiweni. Njengakimi uqobo, lomzimba omdala, ufanele uwohloke ngolunye lwalezizinsuku, kodwa umuntu ophila ngaphakathi kuwo angewohloke, ngoba ubanjwe ngamandla kaNkulunkulu.

226 Lesisakhiwo esidala esikhonzela kuso kulokhu ukusa, akunandaba ukuthi sisilungisa kanjani, ngolunye usuku siyowohloka, kodwa uNkulunkulu Ohlala esakhiweni uphakade. Siza ukuzobhekana naWe manje, Baba, ukunikeza izibongo nendumiso.

227 Nangalemibono phezu kwezinhliziyo zabantu, siyabona ukuthi bebemangele ukuthi ngabe bafanele benze *lokhu* noma *lokho*. Futhi, Baba, ngithemba ukuthi kunoma yiyiphi inhliziyo yomKristu ethambileyo ukuthi impendulo ibingandlela thize ebizobenza baqonde ukuthi bekuyini iQiniso. Siphe khona, Nkosi. Futhi uma ngehlulekile, khona-ke ngithethelele. Bengingaqondile ukwehluleka, ngoba ngabantwana baKho, futhi babuza leyomibuzo. Futhi ngi—ngifuna ukubanika konke engikwaziyo, Baba, njengokuthi ukuba Ubumi khona lapha ukuba ungehlulele ngalokho engikushilo.

228 Manje, Nkosi, sizobhekana nabagulayo. Manje, siyazi ukuthi eBhayibhelini ukuthi sithola kuphela lokho esikholwa ukuthi siyakuthola. Siyakhumbula ngesinye isikhathi, Baba, ngenkathi uJesu lapha emhlabeni, owesifazane ongumSirofenike ufika kuYe wayesethi, "Nkosi, hawukela indodakazi ami, ngoba ngokunhlobonhlobo ikhwelwe kabi ngu—ngedeveli."

Futhi siyezwa ukuthi Wathi, "Akukuhle kimi ukuthatha isinkwa sabantwana ngisiphe izinja."

229 O, Nkulunkulu, kungathithi u—ukwenqaba okuyisiqothu kanje pho, futhi akusikho lokho kuphela, kodwa umbiza ngenja. Kodwa esikhundleni sokuba ngozidlayo ngakho, ngokukhulu ukuba nomoya omnandi nokuzithoba wathi, "Lokho kuqinisile, Nkosi." Ngoba kwakuyiQiniso. Wathi, "Kuqinisile, Nkosi, kodwa izinja ziyodla imvuthuluka ewa etafuleni lomninizo." Yilokho okwenze umsebenzi. Wayevuma nje ukuthatha imvuthuluka eqhamuka etafuleni labantwana. Futhi Nkulunkulu, leso yisimo sethu njengamanje. Siyavuma kunoma yintoni Ofuna ukuyenza ngathi, Baba. Sisezandleni zaKho.

230 Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi uNkulunkulu weTestamente eLidala, Owakhombisa imibono futhi unikeza izibonakaliso nezimanga, Usaphila namhlanje. NeZulu abalangazelela ukuya kulo, ngoluny'suku ngomusa kaNkulunkulu siyahamba nathi, ngoba uNkulunkulu ofanayo ukhombisa Yena uqobo ukuba nguNkulunkulu ofanayo phakathi kwethu.

231 Kunalabo phakathi kwethu, Baba, kulokhu ukusa abagulayo futhi bedinga. Bazokwedlula emgqeni womkhuleko. Kwangathi bangeze bese bethi, "Awu, angikholwa ukuthi Ungangenzela okuhle. Ngi—ngi . . . " Nkosi, kwangathi leso kungebe yisimo, kodwa kwangathi bangeza bekhumbula ukuthi uNkulunkulu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Wakwethembisa; Washo njalo.

232 Kwangathi bangeza ngenhlonipho engcwele, bekholwa ukuthi masinya nje uma umkhuleko sewenziwe nezandla sezisetshenzisiwe kubo, khona-ke kwangathi uMoya oNgcwele ungafika phezu kwabo njengalodadewethu othandekayo obhale umbuzo, wathi uMoya oNgcwele ucishe impela wabulala izidalwa zakhe ezifayo ngombhaphathizo omangalisa kangaka wobukhona baKhe.

233 Kwangathi lokho kungaba yi—kwangathi lokho kungaba yizimpumelelo phezu kwawo wonke umuntu ozayo kulokhu ukusa, Nkosi. Siphe khona. Kwangathi bangaphiliswa. Kwangathi bangeza bazi, bazi ukuthi ngaphandle kwethunzi lokungabaza ukuthi Wakwethembisa futhi Ungeqambe amanga, futhi kuthi nje masinya ukukhanya kungashaya phakathi, ubumnyama nokungabaza kubaleke. Siphe khona, Baba. Sibanikela kuWe manje njengoba sibakhulekela eGameni likaJesu. Amen!

234 Manje labo ofuna ukukhulekelwa, ngaku*lolu* uhlangothi kuqala, nilayine ngasesakhiweni lapha, ngenkathi uTeddy esidlalela, *INyanga eNkulu Manje IseDuze*. Yenyukani, emuva ngqo, abanye babo *ngapha*.

INyanga enkulu manje . . .

235 Mfowethu Neville. Yiba ulokhu ulayinisa, beza. Sizobe simi lapha. Makuthi lonke ibandla libe likhuleka. NoMfowethu Neville nami sizobe silapha ndawonye; uzobe egcoba, ngizobe ngibeka izandla phezu kwabagulayo, khona lapha phansi ngaphambili. Manje, wonke umuntu akabe semkhulekweni manje.

236 Manje senzani na? Siza ukuzogcoba abagulayo nokubakhulekela. Manje ake nginicaphunele imiBhalo. "Uma ekhona phakathi kwenu, ogulayo, mababize amalunga ebandla; mawabagcobe ngamafutha futhi abakhulekele: Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa; labo abenze nayisiphi isono, bayakuthethelelwa sona. Vumani amaphutha enu komunye nomunye, futhi nikhulekelane, ukuze niphiliswe."

Manje okusele, kulelicala, uma ulangazelela, masinya nje uma ufika ngaphansi kwalowomugqa lapho, leyondawo, lelophaseji, awumi nje khona ngqo ngemuva. Manje ilunga, lapha, lebandla, lizogcoba kanye nomkhuleko. Ngizokhuleka futhi ngibeke izandla kwabagulayo. Futhi manje, khumbulani bangani, nina enimi emgqeni womkhuleko, lona ngumzuzu ukufakazisa ukuthi uyakukholwa okumele lapha. Uzofanele uphile.

Futhi ngiyakholwa ngayoyonke inhliziyo yami, yilokho obekubambe umama wami sonke lesisikhathi (naye, isalukazi), yingenxa yokuthi ngiyakholwa. Kuze kuba Uyangitshela ukuthi (ngahle ukuba uyafa), kodwa kuze kuba Uyangitshela, ngikholwa ngukuthi akafi. Niyabo? Futhi manje, ngiyazi uzofanele amuke, futhi usekhule ngokwanele ukuba amuke, futhi ufuna ukumuka, futhi uzama ukumuka. Kodwa nokho ngiyo—ngiyokholwa ukuthi Uyongitshela. Manje ngiyakholwa Uyongitshela, niyabo. Manje angahle Angangitsheli. Angazi, angazi ukuthi Uzokwenza, kodwa ngiyakholwa ukuthi Uzokwenza. Niyabo? Kodwa okwamanje, Akakasho lutho kimi ngakho. Futhi ngiyakukholwa. Futhi uma wena, nsukuzonke, u. . .

237 Angizwakalisi kubantu konke lokho Angikhombisa khona, niyakwazi lokho. Awu, izolo, bengindawondawo, ngase ngibona umbono khona impela obuzokwenza, noNkulunkulu uyazi ukuthi lelo yiqiniso, futhi ehlezi khona nqo namabili noma amanye amadoda amathathu. Cishe ingxenye yehora emva kwalokho ngikubonile kwenzeka, ngokuphelele nje, ngayo impela nje indlela okwakungayo. Ngama lapho nje, ngathuthumela kimi uqobo, ngicabanga. Niyabo? Kwangathi . . . Ngathi, "Mhlawumbe bengifanele ngibatshele ukuthi bekuzoba ngaleyondlela." Kodwa ngathi, "Awu, kuyeke kanjalo nje." Uyabo?

238 Nalokho kwenzeka nsuku zonke, niyabo. Kukhona okuzokwenzeka, ngavele ngakuyeka nje. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuqinisile. Niyabo? Into nje ezokwenzeka, kuyakukhombisa nje, kuyakusho. Kukhona okuzobonakala kimi, futhi kuthi, "Nje shono *leli*gama nga*le*ndlela, na*le*nto izokwenzeka ngapha." Futhi manje-ke ngizothi, "Awu, makube njengalokho." Bese-ke ngiyabhekisisa, nakhu ngapha. Niyabo? Ya.

239 Awu, uma Engenza izinto, impahla, into engenakuphila kuyo, inyakaze iye eZwini laKhe, ngoba sikushilo, Angakwenza kakhulu kangakanani wena ozihlanganisa nami. Ukanye nami, ungowami—ungumfowethu nodadewethu ogulayo. Futhi uma sisho lamazwi, "Amandla kaNkulunkulu mawaphilise lomuntu," ngani, kufanele kwenzeke. Manje, leyompahla ingeke yathi, "Qhabo, ngiyakungabaza." Kuyoqhubeka futhi kukwenze. Kodwa ungasho ukuthi, "Awu, ngiyamangala," futhi ngeke kwenzeke, niyabo. Kodwa uma nje uzoqhubekela phambili futhi nje uhlale ngqo emgqeni nomcabango wakho manje, "ngizophiliswa," ufanele ube nakho. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

240 Manje asikhuleke sonke. Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu kwalona wesifazane osemusha, lomama osemusha emi lapha, ohlushwa ilomkhuhlane omubi. Makuthi . . .

241 [UMfowethu Branham uqhubeka nokukhulekela abagulayo. Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

242 Futhi ngakho ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa abantu lamaduku abekwa phezu kwabo. Yipha izicelo zabo kubo. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

243 Ekuthakaseleni okujulile kokuhlala kwenu, nokwethembeka kwenu ukuhlala sonke lesisikhathi, nokulinda ebandleni elinjengaleli, ngenkathi sisa . . . Kodwa angiyazi indawo engcono ukuba kuyo, niyayazi nina, kunasebandleni na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nje angazi ngandawo engcono ukuba kuyo. Nenduduzo esinayo ezinhloniphweni uNkulunkulu . . . ngaYe ekhona manje.

244 Futhi nje si, okomzuzwana, ake sicabange nje ngokuthi Mkhulu kangakanani, nokuthi Usenzeleni. Besingenzani ngaphandle kwaKhe na? Ukuthi siMbone kanjani, nje ayikho neyodwa into Ake asitshela yona ngalokhu: Unginike imibono, futhi nginiletha embuzweni, kulokhu ukusa, nake nayibona eyodwa Angayigcwalisanga na? Khona impela Athi Wayezokwenza, ngawo umzuzwana. Manje-ke, UnguNkulunkulu. Manje-ke, UnguBaba wethu. Uyasithanda. Futhi noma yikuphi lapho iZulu laKhe likhona, niyazi sibophezelekile ukuya lapho ngolunye usuku. Siyazi Ukhona lapha manje. Siyakuqonda lokho.

245 Thina, sibuka izinto esingaziboniyo. Manje abaningi benu ukhulekelwe, futhi, niyabo, njengoba senqaba noma yiziphi izimpawu zesifo zanoma yini ephambene nalokho. Niyabo? Noma yini uNkulunkulu ayethembisile, niyabo, umKristu akabuki. . . Awuboni ngamehlo akho, empeleni. Uyakwazi lokho. Awuboni ngamehlo akho. Ubona ngenhliziyo yakho. Niyabo? *Ukubona* kusho "ukuqonda." Uqonda ngenhliziyo yakho, ngakho-ke sibuka izinto amehlo ethu elingakuboni. Niyabo? Ukuvuma kobuKristu, zonke izikhali zomKristu, sisekeleke phezu kwalokho. Thina, sibuka izinto esingaziboni, ngokuba uAbrahama wabiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba wamkholwa uNkulunkulu. Niyabo?

246 Manje senzani manje na? Manje uma ukhulekelwa kanjalo, khona-ke uNkulunkulu wethembisa ukukuphilisa. Manje-ke khona manje ungahle ungezwa nomncinyane umehluko, kodwa Akazange. . . Lokho, lokho akusikho nhlobo. Niyabo? Siyakukholwa, noma kanjani.

247 Ukuba kuphela benazi, ngifika epulpiti cishe amahora amabili edlule futhi bengingacabangi ukuthi bengizowuqeda uhhafu womhlangano, cishe impela. Bengikhathele kakhulu futhi ngikhandlekile, futhi ngezwa sengathi bengingenwa ngumkhuhlane, kodwa manje ngizizwa ngikahle ngenxa yokuthi ngithe, "Ngibophezelekile kuNkulunkulu. Ngiyamkholwa uNkulunkulu." Futhi ngidingeke ngilwe naye. Umkami lapho ubenganitshela okufanayo, ekuzameni ukwehlela lapha kulokhu ukusa, futhi bengishe izwi emphinjeni wami, nayo yonke into. Ngathi, "Ngizokwazi kanjani ukukwenza na?" Kodwa, qiniso, ngizizwa ngikahle manje. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi ngingayithatha ingqikithi yami bese ngiqhubeka futhi ngishumayele, futhi—futhi nje ngizizwe ngikahle.

248 Kodwa, ngoba, uyabo, ufanele uzibuke lezozinto ongaziboni ngamehlo akho. Ukubona ngenhliziyo yakho. Uyakukholwa, futhi uyafakaza kulezozinto ongaziboni, kodwa lokho okukholwayo. Ngoba, ngukukholwa. "Nokukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo."

249 Ngibhekisisile, kulokhu ukusa, umKristu osemusha obehlezi lapha phambi kwami. Futhi ngiyasazi isinqumo lowomuntu asenzile. Futhi ngisithakasela ngempela. Ngeke ngasho ukuthi bekungubani, kodwa ngi—ngiyasithakasela i—isinqumo lomKristu othize, kungakhathaleki ngisho noma ngabe bekungaba ngesihambisana naye, umngani, ubaba noma umama, kumbe noma ngabe bekuyini, balangazelela ukuma bethembekile kuKristu. Niyabo?

250 Yileyondlela ozuza ngayo othandiweyo, kungokwethembeka. Ngokwethembeka yiyonandlela ozuza ngayo abathandiweyo.

Hlala kulokho okholelwa kukho. Qiniseka ukuthi ukahle noNkulunkulu, bese-ke uhlala njalonjalo lapho. Hlala nakho nje kahle. Akukho okungake kuze kukugudluze kukho uma nje uzohlala kahle nakho.

251 Manje, sonke sizowenza amaphutha. Khumbulani nje. Futhi uma nibukana, ungabuki iphutha lomunye umuntu. Uyabo, ungakwenzi lokho, ngoba, khumbula, wenza amaphutha, nawe. Kodwa buka kuKristu ohola aqondise lomuntu. Futhi uma bedinga usizo, khona-ke ubakhulekele. Lokho—yileyondlela esihambisana ngayo, niyabo, khuleka. Futhi, khumbula, uma ukhulekela omunye umuntu kulolohlobo lobucayi, uNkulunkulu uyohlonipha futhi akuphilise uma ukhulekela omunye umuntu. Kunjalo. Busekeleke phezu kwalokho-ke ubuKristu, ukusizana, nenzelane, nibe nomusa komunye nomunye, niqondane. Manje, uma ubona iphutha lomakhelwane wakho, ubona lapho beduke khona, ungaduki kanye nabo, kodwa bakhulekele nje. Qhubeka nje ukhuleka, noNkulunkulu uzokuqonda lokho. Uzokwenza yonke into ibe kahle.

252 Manje, ngithemba ukuthi, uma kuba yintando kaNkulunkulu, ngicabanga ukuthi uBilly unenqubo, uthumelela wonke umuntu ikhadi ngeposi. Futhi uma umama ephila kahle kuleliviki; ngokwazi kwethu manje, asiqinisekile, kodwa uma umama ephila kahle kuleliviki, nayo yonke into, ngeSonto elizayo ngi—ngifuna ukukhuluma ngom—mLayezo weVangeli. Uma lokho kulungile kumelusi wethu—wethu oyigugu lapha. Futhi sizobe sinibheke ukuba nibuye uma ningaphumelela. Uma ningafika, sizojabula ukuba nani.

253 NiyaMthanda ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akamangalisi na? Besingenzani ngaphandle kwaKhe na? Manje beningenzani nje na? Beningangitshela noma yini ebingaba nkulu ukwedlula konke na? Uma ningangikhombisa into enkulu kunaleyo, khona-ke ngizo—ngizo—ngizothengisa ngenginakho, futhi ngilangazelela lokho ukuthi ningikhombise okukhulu kunaLokhu. Yebo, mnumzane. Lena yinto enkulu kunazo zonke engaziyo ngayo, ukwazi ngesiqiniseko ukuthi sisindisiwe, ukwazi ukuthi yena impela uNkulunkulu owenza amazulu nomhlaba Azithobe futhi ehle futhi akhe phakathi kwethu, futhi asenzele.

254 Manje nakhu ukuthi sazi kanjani ukuthi ngabe siqinisile noma qha, niyabo, ngenxa yokuthi yona impela into Ayenza, ekuqaleni, ngalawomaKristu emuva lapho, lona impela ibandla, khona impela ukusebenza, indlela uMoya oNgcwele anyakaza ngayo, nendlela udeveli alwa ngayo nabo, nendlela abama ngayo, leyo yinto efanayo eyenzeka khona lapha, nezibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, uNkulunkulu ofanayo, ubufakazi obungenasiphosiso baKhe.

255 Ngitsheleni, ezwini lesayense, ngitsheleni ngendlela yesayense, ukuthi bekungenzeka kanjani ukuba noma ubani asho into ethize ingakenzeki ebizokwenzeka eminyakeni noma ezikhathini ezizayo, ngaphambi kokuba yenzeke. Ngikhombiseni amandla, ukuthi bekungaba kuphi, obekungakwazi ngaphambili ngaphambi kokuba kwenzeke. Ngitsheleni noma yimuphi umqondo womuntu obungaqathaza ubuyise nganoma yini oyifunayo, futhi ngikhombiseni noma yiyiphi indlela ebeningabona into ethize bese nisho into ethize ingakenzeki, eyenzeke ngendlela nje e—eyenza ngayo. Niyabo? Ayikho.

256 Ngakho, UnguNkulunkulu. Niyabo, UnguNkulunkulu. Futhi ngoba UnguNkulunkulu, ngomusa waKhe Uyafika futhi akhe nathi, futhi njengoba Enza nje ngalawomadoda emuva lapho azisho zingakenzeki lezizinto, futhi zonke zenzeka ngayo nje indlela ezashiwo ngayo zingakenzeki. Manje lowoNkulunkulu ofanayo unathi, esho kungakenzeki futhi ekhombisa nje izinto ezifanayo impela Azenzayo emuva lapho. Ngani, besifanele sijabule kakhulu, besizongqabashiya njengokusuka efwini siya efwini, kanjalo, nje sihamba sidabula emkhathini, cishe impela, ngenxa yokuthi siyazi.

257 Siyazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Siyazi ukuthi sinensindiso. Siyazi ukuthi singamaKristu. Futhi siyazi ukuthi siya eZulwini, ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso, futhi nangu Uyanyakaza kanye nathi ngqo, futhi ngendlela esiMbona ngayo.

258 SiyaMbona. NgiMbona kanjani na? Uma ngibona wena. UMbona kimi; ngiMbona kuwe. Uyabo, ngibona Akwenzela khona. Manje lapha ngiyaMbona lapha embula iZwi kimi. Wena uthi, "UngaMbona kanjani kimi na?" Awu, buka, Ulapha embula iZwi kimi. NgiLibona phandle lapho, Yena eninika Lona, nani niLigcina. Niyabo? Bese-ke nibuka emuva, bese nithi, "Wakwenza kanjani, kwaze kwafika kanjani lokho na?" Bese-ke niyabuya, nithole ukuthi lokho kuqinisile, niyabo. Ngakho niMbona kimi; ngiMbona kini.

259 Futhi singaMbona ekuphumeni kwelanga. SingaMbona ekushoneni kwelanga. Singambona ezimbalini. SingaMbona e—singaMbona nomaphi, ngenxa yokuthi sedlulile emisukeni engaphansi yalesisimo sokubanjwa ngumhlaba, sangena kulomsuka wenkazimulo kaNkulunkulu, ngakho singabubona ubuhle baKhe.

260 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi ngisenhla kuloluhambo, enhla e—eMgwaqeni omkhulu waseAlaska, ngenkathi ngiya ohambweni lokuyozingela, ngangisemuva lapho ngimangala, "Ngani na? Ngani na?" Ngabhekisisa ukuthi uNkulunkulu ungowangempela kanjani—kanjani. Manje

kunabantu abagulayo ndawo zonke, kodwa nokho uNkulunkulu azi.

261 Manje, kusasa ngifanele ngihambe, uMfowethu Roy emuva lapho, nathi sonke, sifanele sihambe kusasa siye eColorado, olwethu . . . siyozingela ekwindla ngalinye lapho esi . . . Ngingenile ngivela emihlanganweni, ukuba ngihambe. Ngeke ngahamba, ngenxa kamama, isimo sikamama.

262 Manje bukani umusa kaMoya oNgcwele. Wakwazi lokho kudala. Ngakho, esikhundleni sokungidedela ngihambe, Waphenduka wayesenginika umbono wayesengithumela enhla lapho, futhi unginika olunye lohambo lokuyozingela ukuze ngingakwazi ukungena eColorado, niyabo, ngoba lezozilwane azikho eColorado kanjalo. Waphenduka, wayesenginika lokho ngombono, futhi ungidedela ngibe nalokho, azi ukuthi Wayezongiqhelisa kuloluhambo enhla lapho eColorado. Ukhuluma ngokulunga nomusa! Manje-ke kungani na? Manje-ke, kudala, Wayazi ukuthi umama wami wayezozwa ubuhlungu. Wayazi ukuthi umama wami wayezoba sesibhedlela. Uma Ekuvuma, khona-ke Ungenzela kube ngokwenhloso enhle engingazi lutho ngayo. Kodwa ngiyazi konke "kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda iNkosi."

263 Ukuba besizoke sime nje kanye ngesikhashana, bandla, futhi sibone uNkulunkulu wethu! Yima nje qobo lwakho futhi usuke ezingxakini zakho, futhi ume uthule imizuzu embalwa eBukhoneni boMoya waKhe, futhi ungaMbona nje ehamba ndawo zonke. Niyabona ukuthi Muhle kanjani na?

264 Manje nango elele umama, nami ngimangala ngaye. Akamdedelanga ngani nje ahambe ngenkathi enonhlangothi na? Akafanga ngani nje ngayo leyonkathi na? Kodwa, niyabo, Yena ekwazi lokho ngaphambi kwesikhathi, futhi azi ukuthi ngangethembise uku . . . Ngangiphumela eColorado, futhi ngazi ukuthi ngithanda ukungena kulamahlathi kanjalo, Wavele waphenduka nje futhi unginika okungcono; wangithumela enhla lapho, futhi wangitshela engangizokuthola, nakho konke ngakho, ngaphambi kokuba ngize ngihambe; wangitshela ukuthi abantu bayobe begqoke kanjani, nokuthi sasizokwenzani, nakho konke ngakho. Manje-ke ngiyafika, nganitshela nonke. Manje-ke uyenyuka futhi ukubona kwenzeka, ngiyabuya, ngayo impela nje indlela okuyiyo. Impela, niyabo, ukwazi ukuthi umama uyobe ephandle lapho, ukwazi ukuthi wa—wayezovithika ngalesisikhathi, futhi ngeke ngikwazi ukuthatha lolu olunye uhambo. Niyabo? Besingeke siqo- . . . Angikuqondanga, qobo lwami, ngaleyonkathi. Kodwa uma nje uzinikela kuYe futhi uMbhekisise, Uhola nje yonke into ibe kahle impela nje. Niyabo, Ukwenza konke kuphume kahle nje, isinyathelo ngesinyathelo.

265 Ngoluny'usuku, ngangimi ngakumfundisi osemncane owayenamaphupho athize, futhi wayelethe amaphupho

kimi. Ngenkathi kufika ukuhumusha, sama lapho, uBilly nami nalomfundisi, sama lapho ndawonye. Nakho lapho okwakukhona. Ngani, kwakuphelele nje ngakho konke. Nokuthi leyondoda yama kanjani lapho ino—ino—inovalo, nokubona ukuthi ubonwa kanjani uMoya oNgcwele ekwazi ukwembula lezozinto, nokumbuyisela aqonde ngqo futhi akhombise impela emgwaqeni nalapho okufanele kukwenze khona. O, ngiyanitshela, UnguNkulunkulu. Yena, Uhlala . . . UnguNkulunkulu.

266 Abaningi kakhulu benu bantu benze umnikelo. Niyekele amasoka enu noma izintombi, niyekele amakhaya, kanjalonjalo, nabaningi benu udingeke aphume phakathi kwahambisana nabo nabangani, nezinto, nabangani abadala esenibaze isikhathi eside, ukuba nihambe ngendlela yeNkosi. Ngiyanincoma ngalokho. Ngicabanga ukuthi lokho kuyisimangaliso ukwenza lokho. Manje ngenxa yokuthi nibone ukuKhanya kweVangeli, futhi KuyiQiniso, futhi ni—nizohamba kulokho kuKhanya. Nanoma yini eniyenzayo, bantwana, noma yini eniyenzayo, noma ngabe niya kuphi, gwemani ukubonakala kobubi, futhi nihambe emva kukaKristu. Inqobo nje uma nisaphila, hlalani ngqo kulowomgwaqo. Ningagudluki kuwo, uyonikhokhela kahle ngempela. NgukuPhila okuPhakade.

267 Futhi ngibona umama ngenkathi—noma nini uma e . . . emizuzwini embalwa okungathi dwe kuye. Ngithi, "Mama, mama, uyangizwa na?" Ngezinye izikhathi elele nje lapho, angeke. Bese-ke emva kwesikhashana uyothi, "ah," anqekuzise ikhanda lakhe *kanjalo*. Ngiyothi, "Uya . . . " Ngathi, ngobunye ubusuku, ngathi, "Mama, uyangazi mina na?" Wayengangazi. Ngathi, "Uyazi ukuthi ubani lona omi lapha na?" Qhabo, wayengakwazi lokho. Ngathi, "Mama, uyamazi uJesu na?" Futhi u . . . O, he! Angamkhohlwa umntanakhe uqobo, kodwa angeke amkhohlwa uJesu. Yilokho-ke. O, mfowethu!

268 Awazi ukuthi lokho kusho ukuthini uze ufike emndenini wakho uqobo, kwehlele kulokho, uyabo. Ukwazi Yena kungukuPhila. Ukwazi Yena kungukweneliseka kokwazi, uma lokhu ukuncintisana kokugijima kokuphila sekugijinyiwe, sineKhaya ngaphesheya kwezibhakabhaka ngaleya. Ukuthi kuyini, angazi. Angazi nje ukuthi nginganitshela kanjani ukuthi kuyoba njani, ngoba angazi, qobo lwami. Kodwa ngiyazi ukuthi ngoluny'usuku, ngomusa kaNkulunkulu, siyothatha uhambo oluwelela Lapho.

269 Ngikhulekeleni kuleliviki. Ngiyawudinga. Futhi manje ningikhulekele; ngizobe nginikhulekela. INkosi ithanda, ithanda, ngizohlangana nani ngeSonto elizayo. Futhi khumbulani inkonzo yakulobubusuku. Kungenzeka, uma ngingezukuhlela kulobubusuku, kumbe noma yini, futhi ngibe phandle lapho nomama, mhlawumbe ngizobuya kulobubusuku.

270 Futhi manje, Mfowethu Neville, melusi wethu oyigugu, yenyukela lapha. Futhi ngempela kanjani. . . Akukhonoyedwa lapha kodwa ngabafo basekhaya, niyazi. Sonke nje siyilokho esikubiza ngabafo basekhaya. Ngiyakuthokozela ukuma kukaMfowethu Neville ngaleliQiniso leVangeli. Ngiyakuthokozela ukwethembeka kwakhe nobuqotho phambi kwabantu. Futhi ngoluny'usuku, ngenkathi ekhuluma; ngangingakaze ngikuqaphele, kodwa ngenkathi esephansi kokuphefumulelwa, enikeza isiprofetho, wangibiza ngomprofethi, ephansi kokuphefumulelwa. Lowo kwakungesuye ongibiza ngalokho ngaleyonkathi, lowo kwakunguMoya oNgcwele. Ngakho lokho kunginika isibindi nokukholwa ukuba ngiqhubeke, izinjulo ezijule kakhulu nezimpakamo eziphakeme kakhulu, noNkulunkulu. Ngiyakuthokozela, Mfowethu Neville. UNkulunkulu akubusise njalonjalo. Futhi ngize nginibone futhi, uNkulunkulu abe nani.

